

# ICALA LASENKANTOLO



Asikhothamise amakhanda ethu manje.

Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga ngaleli, elinye ithuba ukuthi sifanele size sikhulume ngeNkosi uJesu ethandekayo.

Futhi manje, njengoba lina ngaphandle, kwangathi uMoya weNkosi ungana phezu kwethu, ngaphakathi, phansi ezinhliziyweni zethu, futhi wazise kithi isifundazwe saKhe sobuNkulunkulu, okwethu...intando kaNkulunkulu ukuba yenziwe ekuphileni kwethu.

Sibeka eceleni lolusuku, Baba, emva kwezinkonzo zasekuseni, nezinto, sizokhulekela abantwana baKho abagulayo. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi lolu kuzoba lusuku esizolikhumbula isikhathi eside ngenxa yezibusiso zaKho phezu kwethu.

Sikhulekela leli qembu elikhonzisayo, bonke abazalwane, bonke abefundisi nxazonke kulelizwe lapha. UNkulunkulu abusise inkonzo yabo futhi kwangathi bangakhula izehlakalo ezijulile sonke isikhathi kuKristu. Leso isifiso sethu, Nkosi, ukuba siKwazi kangcono. Ngikhulekela ibandla ngalinye nehlelo ngalinye, ukuthi lizokhula emseni namandla kaNkulunkulu.

Sikhulekela bonke abagulayo nabahluphekile, manje, ukuthi bazophiliswa.

Futhi uma kuba nethuba, kunabanye lapha abanathi, namhlanje, abangaMazi njengoMsindisi wabo, kwangathi lolu kungaba usuku abazokusho ukuthi lokho kanye kanye “Yebo!” kuWe.

Busisa iZwi laKho. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

Ngempela ngifuna ukubonga, kuqala, leli qembu labefundisi lapha ba—baleBirmingham, nezingxenye zezwe lapha, lapho bangena khona kulokhu kuxhaswa, ukungisiza ukuba ngize lapha. Futhi ngi—ngiyanitshela, ngicabanga ukuthi abefundisi abanjalo bamele bahlonishwe.

Nina, bandla, nifanele nihloniphe umalusi wenu—wenu, ngoba, niyabo, uphumile, ungumalusi. Futhi uma ethola okuthile lapho ecabanga khona ukuthi bekungaba ukudla okuhle, uzohola umhlambi wakhe kukho. Futhi ngezinye izikhathi, akuvumeki; ngezinye izikhathi, kungukuthi, abanye babo abakuboni ngaleyondlela, futhi mhlawumbe abathandi lokho ngezimvu zabo, abaluthandi uhlobo lokwalusa. Kodwa

ukuba omunye wabaphakeli, futhi, umalusi, ngizama nje ukuletha uTshani bangempela bukaNkulunkulu, uKudla kwangempela, iZwi.

Futhi ngakho-ke, ngi—ngibathakasela kakhulu kakhulu futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uyohlala njalo ebabusisa. Futhi kwangathi impilo yabo ibe ukuthonya kunoma ubani ozayo exhumana naye.

Ngamunye wethu uzezinkonzo. Inkonzo ethile ezobamba iso ngomuntu othize lapho omunye engakwenzi khona. Niyabo? Ngakho, siyaziqoqa, njengoba ngishilo ekuqaleni, ukuzama ukuletha okwedlula konke esaziyo ukuthi kanjani ngenkonzo yethu, inkonzo yami, eyabo, nokunye nokunye, siyabahlanganisa ukuzama ukusiza nina bantu ukwazi kakhulu ngoJesu Kristu, futhi sibe ngcono, izinceku ezifanelekile zaKhe njengoba—njengoba isikhathi sisondele lapho okufanele sihlangabezane naYe.

Manje, ngifuna ukubonga a—abantu lapha osivume sibe nendawo yokugcina. Lesi isakhiwo esihle. Futhi siyakwazisa kakhulu lokho. Sibabonga ngenhliziyo yethu yonke. Futhi ngikhulekela ukuthi ngamunye kubo uzo, uma bengasindisiwe, bazosindiswa; futhi kulelo hholo elikhulu likaNkulunkulu, ngaleya, lapho izingelosi zicula, lapho abahlengiweyo bengena, ngani, ngiyethemba ukuthi ngamunye wabo uzoba lapho ngaphandle kokulahlekelwa eyodwa.

Futhi manje, ngiyaniabonga bantu. Angikaze ngithole ithuba lokubuzisa imenja, kodwa ngikholelwa ukuthi zonke izindleko nezinto kuhlangatshezwanwe nazo. Futhi ngi—ngiyakwazisa lokho, yonke iminikelo, konke enikwenzile. Futhi ngokuvamile bathatha i—i off-... (Ngabe bakwenzile lokho na?) Anidingekanga nenze lokho. Bathi... Uthe banikeze umnikelo ngemva kwakho konke sekukhokhiwe.

Niyazi, bengiyi ma-...ngemuva kwepulpiti, manje, iminyaka engamashumi amathathu nantathu. Futhi angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami, angizange nakanye, ngisho nasebandleni lami, angizange ngithathe umnikelo empilweni yami. Ngangisebenza ngenkathi ngilusa ibandla lapho, itabernakele eJeffersonville, ngi... iminyaka eyishumi nesikhombisa neNkampani yemiSebenzi yoMphakathi, futhi angikaze nakanye ngathatha umnikelo empilweni yami. Ngakhokhela izindleko zami nokunye nokunye, futhi ngakhokha okwezishumi kwami, nakho konke ebengingakwenza, khona ngqo ebandleni, futhi konke kwangena ngqo ebandleni.

Futhi manje, ngokuvamile phandle lapha, banginika umnikelo. Futhi ngifuna ukukucacisa (ngoba abanye babaphatheli bahlezi, ekhona, manje): Iminikelo enginikwe yona, imali, ayihambi ngqo ize kimi. Ngithola umholo ebandleni: Ngithola amadola ayikhulu ngeviki, lokho amadola

angamakhulu amahlanu nambili ngonyaka, ikhulu lamadola ngeviki. Kodwa manje emnikelweni eningipha wona, uqondiswe emsebenzini weNkosi. Nakhu okwenziwa ngabaphatheli ngawo: Kungesetshenziselwe lutho okunye. Kubekwa uphawu, njengoba sikubiza, ukuthi ngeke kwasetshenziselwa enye into. Leyo mali ingena emcebweni othile; lapho lowo mcebo ukhula, okuthiwa, “ukuthunyelwa kwaphesheya kwezilwandle,” uqondiselwe kulokho. . .

Futhi manje izikhathi eziningi, phesheya kwezilwandle, ningabona ukuthi yini esiyimelayo lapha eUnited States, futhi ningacabanga ukuthi kuzoba yini ngaphesheya lapho. Futhi uma siwela lapho kulabo bantu abampofu abangenalutho, hhayi ngisho nokudla okwanele, emuva le kulawo mazwe abahedeni. . .Ngibone omama abancane belele emgwaqweni kanye nezinganyana zabo, izihlathi zipoqokile, futhi zifa, nonina uzama ukukunika ingane; futhi uma ungayithatha leyo, nansi enye, nansi enye, enye; futhi akukho lutho lokudla. Futhi sihlala okwanele emigqonyeni kadoti yethu ukondla labo bantu. Kunjalo. Asiqapheli ukuthi sikahle kangakanani.

Futhi eminweni yase-Afrika nokunye nokunye, yini labobantu ababefanele bangiwezele yona lapho na? Abanalo nelilodwa isente, abanalo, akukho ndlela nhlobo yokungithola ngilapho. Futhi ngizwa ukuthi kufanele bazwe iVangeli, nabo, futhi iVangeli leyo—lelo iNkosi uJesu asinike lona kuleliviki.

Ngithatha leyo mali, ngoba mina. . .ninginika yona, futhi ngingumphathi wayo. Ngakho iyangena, ngokusebenza kwami kulenhlangano, ngakho-ke ayinakusetshenziselwa nanoma yini enye, kodwa ukuthunyelwa kwenkolo phesheya kwezilwandle.

Futhi kuthatha leliVangeli elifanayo ngaphesheya ngqo kubona. Musani. . .Ngiyahamba mina uqobo, ukuze ngazi ukuthi ngenza okungcono kakhulu ukwedlula engikwaziyo, ngazi ukuthi ngifanele ngiphendule ngalo lonke isente laleyo mali. Futhi ngi—ngifuna ukuba umphathi omuhle kuNkulunkulu. Futhi uma ngingenakuthembeka phezu kulezozinto, khona-ke ngizokwethembeka kanjani kwezinye izinto. Niyabo? Ngakho, ngifuna uku—funa ukunibonga.

Futhi umnikelo enginikwe wona (njengoba—njengoba umfowethu esanda kusho nje) kule ntambama, ngi—ngibacela ukuba bangakwenzi lokho. Kodwa, ngokuvamile uma benga. . . futhi bayakwazi lokhu: uma izindleko zingenakwenziwa, khona-ke sithatha enye yaleyo minikelo ye, eyithunyelwe ngeposi, ebandleni (lapho iqondiswe kulokhu *okunye*), bese sikhokha izindleko. Asifuni—kufuni ukuba kubize noma ubani. Niyabo? Asikaze. . .

Futhi ngitshela ngokuphelele imenenja kuyo yonke imihlangano (UMfowethu UJack Moore, ehlezi lapha, wayengomunye wamadoda ami okuqala ensimini; uyazi ukuthi

angikaze ngime nginganyakazi kungengakunxibela imali: “Ubani ozonikeza *lokhu* na? Futhi ubani ozonikeza *lokho* na?”), “Dlulisa ipuleti lenkongozelo, bese ukhohlwa ngakho-ke.” UNkulunkulu, yilapho E—lapho Eyeka i furni-...lapho Eyeka ukhlinzeka izidingo zami phandle lapha, sekuyisikhathi sokuba ngihambe ensimini khona-ke. Ngakho-ke, angikholelwa kulokhu kunxiba, nokudonsa, nokukholisa, nokusongela, na—nakho konke okunye ngemali. Qhabo, mnumzane.

Lapho ngiqala ukufika enkonzweni, ngathola ukuthi, ngomlando, kukhona izinto ezintathu ezilimaza umuntu, inceku kaKristu. Futhi lapho i...uNkulunkulu uyombusisa futhi amnike inkonzo encane nje, bese-ke into yokuqala niyazi, okunye kokuwa *imali*.

Okulandelayo *ukuthandwa ngabantu*: Uma efika ekucabangeni ukuthi *ungumuntu othize*, khona lapho-ke usendleleni yakhe ephumayo. Niyabo. Si...akekho omkhulu phakathi kwethu, sonke siyafana, singabantwana bakaNkulunkulu (Niyabo?); akekho kithi omkhulu, futhi akekho kithi omncane, sonke singabantwana bakaNkulunkulu.

Khona-ke (imali, ukuthandwa ngabantu), kanye *nabesifazane*: Futhi ngibhekwa njengozonda abesifazane ngakho, niyazi, nina, lokho kukude le, ngakho—lokho kungaphandle kwesithombe. Nginowesifazane oyedwa, nguye wonke owesifazane emhlabeni, futhi lowo umkami, owesifazane othobe kunawo wonke uNkulunkulu ake wambeka emhlabeni, enzela mina. Kunjalo. Ungowami, futhi owami ngedwa; futhi ngingowakhe, futhi owakhe yedwa. Futhi ukuthi: ngenkathi ngiseyinsizwa ngacabanga lokho; manje sengigule futhi ngisacabanga khona.

Ngakho ngi...yena...ngizamile ukugwema lezozinto, futhi ngitshela iNkosi UJesu, “Nkulunkulu, kunzima ukuba phandle lapha, ngoba inkonzo ihluke kakhulu. Kuyinto nje—nje ephazamisa abantu ngayoyonke indlela. Nginobunzima ngokwanele ukulwa *nalezo* zinto noSathane, yekela *lezi ezinye*.” Ngakho, ngiphumile ukwenza okwedlula konke engingakwenza, ngawo wonke umuntu engikwaziyo; eMbusweni kaNkulunkulu ukhazimuliswe.

Manje, ngiyaniibonga ngomusa. Futhi ngithemba, ngelinye ilanga, ngingabuya futhi nginibone futhi, niyabo, ngithemba ngingakwazi.

Futhi ngithemba lapho ngibuya futhi...[Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngiyabonga. Futhi ngithemba ukuthi, uma sengibuya, ngeke kwaba kanje: lapho uthola khona izinsuku ezintathu; ukwethuka, ukucasuka; ngena ngaphakathi, uthule into ethile ukuthi, awukwazi ngisho nokuthi ungena kwini; u—u—uyazibuza. Kuyinto emangalisayo ukuthi unokholo oluningi kukho njengoba wenza. Uma singahlala phansi futhi

siqale emuva lapha kuGenesisi, usuku nosuku, nobusuku emva kobusuku, bese sibeka lokho phansi lapho. Niyabo, kunohlobo oluthi, niyazi, uthi ukuthola umuzwa njengokungathi kunezipokwe ezikuzungezile. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Wena—awazi.

Njengabafundi ngobunye ubusuku: Babephezulu olwandle olunesiphapho, no—nomkhumbi omncane wawunamanzi, futhi—futhi wonke amathemba okusinda ayengasekho. Futhi babememeza, bekhala; kusobala, njengamaKristu, babekhuleka. Futhi bonke ngesikhathi esisodwa baMbona eza ehamba phezu kwamanzi. Futhi bacabanga ukuthi kwakuyi s-... isipokwe, bacabanga ukuthi kwakuyithunzi, futhi babesaba, futhi baqala—baqala ukukhamuluka.

Futhi cabanga nje: into kuphela eyayingabasiza, yabonakala iyisipokwe kubo. Babeyesaba. Yilokho futhi: Lapho kuphela ithemba esinalo kunguYe, nesithembiso saKhe impela seZwi, futhi nokho, siyasesaba (Niyabo?), nje—nje sisaba ukusinika ukwethemba kwethu. Ku—kubi kakhulu. Kodwa khumbulani, umlando uyaziphindaphinda njalo. Kumele uhlale ungaleyondelela. Futhi nginzwile evikini, futhi ngokunye . . .

Ngianibona, iningi lenu, mhlawumbe, uthatha amateyipu, nokunye nokunye, okuyinkonzo yami, ngaleyo ndlela, iyahamba futhi ijikeleze umhlaba, yonke indawo. Izikhathi eziningi ningizwa ngithi, “Lawo mahlelo . . .” futhi uhlobo lokulahla amahlelo.

Akukhona ukuthi ngilahla abantu; ngilahla inqubo (Niyabo?); hhayi ihlelo, abantu phakathi lapho. O, qhabo. Abantu bami, ngaphambilini, babengamaKatolika; ngingumIrishi ngokozalo, bangamaKatolika; futhi ngiyazi ukuthi kunabantu abathile abangamaKatolika abakahle. Abanye babo bangabantu bakithi. Bakahle. Kukhona amaMethodisti akahle, amaBaptisti, amaPresbyterian, amaLuthela; bonke abantu abahle behlelo.

Kodwa lezozinqubo ezisihlukanisayo, yilokho engimelene nakho. Simunye enhliziyweni. Sifanele sibe ngaleyo ndlela. Bese kuthi-ke izinqubo zethu, niyabo, zidwebe umugqa wezimfundiso futhi lokho ku . . .

Uma ibandla lokuqala lake laqala, ibandla lokuqala, noma yiliphi ibandla, laliyothi, “Sikholwa yilokhu,” futhi liphethe imfundiso yalo ngekhoma, esikhundleni senkathi, thina . . . bekungeke kube khona lutho ngaphandle kwebandla elilodwa. Yilokho kuphela. Niyabo. “Si—sikholwa yilokhu, kanye nakakhulu uNkulunkulu ezosazisa nakanjani.” Kodwa uma sithi, “Sikholwa yilokhu, futhi lokhu yikho, futhi lokho yikho konke”: khona-ke, siyafa khona lapho, niyabo, ngoba uNkulunkulu uPhakade futhi Uyaqhubeka nokukhula.

Ngakho, ngiyabonga kakhulu. Futhi ngifuna nazi, akukho mfundisi noma umuntu emhlabeni, engimaziyo, noma yisiphi isidalwa esingumuntu, akunendaba ukuthi bekuyoba ngubani, kodwa, lokho inhliziyoyami eshayela khona: Ngibafunela uMbuso kaNkulunkulu. Ngisebenzela indawo eyodwa, phezulu lapho, hhayi nganoma yiliphi ihlelo elithile.

NganginguMfundisi wamaBaptisti, ngigcotshwe ngaba yiMissionary Baptist, nguDokotela Roy E. Davis, waseFort Worth, eTexas. Futhi ngangilala ebandleni. Isigejane esikahle—esikahle sabafowethu; futhi ngiyohlala ngithi, “Kukhona amanye amadoda afanele kakhulu emhlabeni, kwiMissionary Baptist Church.”

Kodwa lapho lesi siphawo sikhonziswa kimi, babengenakuya kulokho. Umelusi washo nokusho ukuthi ngangilahlekelwa yingqondo yami. Mina, nemfundo yokufundwa ngokubhalwa kolimi yasesikoleni, ngangiyoshumayeza amakhosi, amakhosi anamandla, amakhosi; nokuphulukiswa nezinto. Wathi, “Ngeke kwenzeka.” Kodwa kwaba njalo, niyabo, ngoba Wakwenza. Wathi, “Billy, uzoba ngumgingqiki ongcwele.” Angazi ukuthi ngiyini, kodwa ngiyazi ukuthi ubani engiMkhollowayo. Ehhe. Ngingu. . .

Omunye washo, kungekudala, wathi. . . indoda ekahle kakhulu, igibele noMfowethu Jack Moore nami, uWilliam Booth-Clibborn; ngicabanga ukuthi omunye wabashumayeli abahlakaniphile engake ngabezwa, angashumayela iVangeli ngo, ngokugcwele, kwizilwimi eziyisikhombisa.

Futhi ngasho okuthile kuye (mayelana nokuthile ayekubalulile, kokuthile engangikushilo), ngathi, “Awu, yilokho okushiwo umBhalo, Mfowethu Booth.”

Waphenduka (uma noma ubani wake wamazi, ungumuntu ongusomaqhinga ngempela, iNgisi) futhi wathi, “Awulazi nje iBhayibheli lakho.”

Ngathi, “Kodwa ngiyazi uMqambi kahle kakhulu.” Futhi lokho yi. . . Niyabo?

Ngakho, ukwazi Yena, ngukuPhila. Futhi ngakho—futhi ngakho u. . . Kunjalo, ukwazi Yena, ukwazi Yena, kungukuPhila. Futhi ngiyazi ukuthi kukhona okwenzekile kimi. Angisesuye engavamise ukuba nguye. Njengenenekazi lekhaladi elidala (uma lokhu kuzoxolelwa, ngiyacela, ngoba lokhu akuyona indawo yehlaya, futhi akulona ihlaya, empeleni kwenzekile), inenekazi lekhaladi elidala, lithi, “Ngithanda ukunikeza ubufakazi.”

“Sukuma, dadewethu, futhi ufakaze,” ngasho.

Lathi, “Uyazi,” wathi, “Angikakabisikho engifuna ukuba yikho,” futhi wathi, “Angikakabisikho engifanele ngibe yikho,” kodwa, lathi, “khona—ke angisikho engangivame ukuba yikho.”

Liqalile empeleni. Ngakho yileyo ndlela engizizwa ngayo, nami. Mina, angisikho engifuna ukuba yikho, futhi kungesikho ebengifanele ngibe yikho, kodwa ngiyazi ukuthi angi... Angisesikho engangivamise ukuba yikho. Kwenzeke okuthile kimi cishe amashumi amathathu nanhlanu eminyaka edlule. Futhi Ubelokhu esenhliziyweni yami kusukela ngaleso sikhathi. Futhi ngiMthanda ngakho konke okukimi.

Futhi ngiyanithanda. NgingaMthanda kanjani ngale kokuthanda nina na? Nginomfana lapha emhlanganweni, futhi indodana engumzukulule encane. Ngingaqoka, uma ninayinoma ikuphi ukuncoma, kudluliseleni kubo, esikhundleni sami, ngoba ngingumzali. Ngakho, uNkulunkulu uzizwa ngendlela efanayo. Uma singenakuthandana thina esibonanayo, sizomthanda kanjani uNkulunkulu, khona-ke? Niyabo? Kumele sithandane, futhi sihloniphane.

Uma ngiza lapha ukunikhohlisa entweni ethize engugibe, noma enye into ethize, into ethize, uNkulunkulu akasoze ayihloniphe. Bhekani ukuthi Ubengenzani kimi. Ngenzani kubantwana baKhe na? Angikwazi ukuthola ngilungisene noNkulunkulu ngalokho. Qhabo.

Kodwa ngiza ngoba ngiyanithanda, noNkulunkulu uyazi ukuthi yiqiniso. Futhi ngi—ngifuna ukwenza konke engikwaziyo, ukuthi injabulo ebekwe phezu kwenu... Ngicabanga ukuthi itafula elikhulu lendlaliwe, ngamunye wenu unelungelo kulo.

Abanye abantu bathi ukuphulukiswa ngokukaNkulunkulu akusikho. Ngiyazi ukuthi yikho. Niyabo. Ngi... Uphuzile kakhulu ukungitshela lokho. Niyabo. Ngiyazi—ngiyazi ukuthi kunjalo. Futhi uMoya oNgcwele, nalezozinto, ngiyazi ukuthi kuyiqiniso. Futhi ungaphuma uthi qekelele kanjani ngakolunye uhlangothi ne—ne—izambane elidala elibandayo, lisesandleni sakhohlo, ugubha phezu kwalo, ngesidlo esikhulu sedina esilungiselelwe wonke umuntu wabangcwele bakaNkulunkulu. Niyabo. Konke kungokwethu. Unguye izolo, namuhla naphakade. Ngibonga kini izigidi.

Futhi manje, e... Ngithemba ukubuya ngelinye ilanga, uma uJesu elibala. Manje ngicabanga ukuthi niyazibuza ukuthi kungani... Omunye washo ngolunye usuku... Ngama ngasendodeni edume kakhulu. Ngiyayithanda indoda. Asikho isidingo kimi ukuba ngibize, ukuba ngingalibizi igama layo. Ingowami, omunye wabangani bami besifuba, uOral Roberts. UOral ufika emhlanganweni wami. UMfowethu Jack Moore wayekhona naye. Wayenelincane, ithende elimanikiniki limiswe ngaphesheya kwenkundla, laphaya ngase—ngasecaleni elingasempumalanga leDolobha laseKansas, futhi ngangingale ehholo, into ethi ayibenkudlwana kuna le. Futhi uza ngapha,

uhlala eceleni, wathi, “Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi uNkulunkulu uyowuzwa umkhuleko wami na?”

Ngathi, “Uyozwa umkhuleko kanoma ubani.”

<sup>2</sup> Manje indoda ayazi ukuthi inothe kangakanani, yakha ikholiji lamadola ayizigidi ezingamashumi amahlanu, ne-ofisi elingamadola ayizigidi ezintathu. Ngicabanga ukuthi lokho kuludumo, nomnikelo ekukholweni koyedwa, ngayedwana, umfana omncane waseOklahoma, enzela uNkulunkulu.

<sup>3</sup> UTommy Osborn, wayesenhla lapho ngalobobusuku ngenkathi lolohlanya lugijimela emsamo ePortland, eOregon, ukuba lungibulale. Lwase luthi, “Wena mkhohlisi!” Lwathi, “Wena...” Nje bangibiza ngayo yonke into. Enkulu, indoda enkulu. Cishe abashumayeli angamashumi amahlanu, emsamo, bayibalekela. Yayiwuhlanya oluphuma esikhungweni. Ezinkulukazi, izingalo ezinkulu. Lwalumi ayisithupha, cishe amafidi ayisikhombisa ubude. Ezinkulu, izingalo ezinkulu. Ngangisinda amaphawondi ayikhulu namashumi amabili-nesishiyagalombili. Lwagijimela emsamo, lwathi, “Kulobubusuku, ngizokushaya uphume uyothi ngqu phakathi naleyandawo.”

<sup>4</sup> Ngangazi kangcono kunoma ngisho noma yini kulo. Futhi wonke umuntu wahlakazeka emuva. Futhi ngama nje ngathula du. Unga—ungazami ukujovela imicabango yakho uqobo; uma wenza, uzolahleka. Ngavele nje ngama ngathula du. Ngase ngizizwa mina uqobo ngisho lokhu, lokho ngukuthi, uMoya oNgcwele ukusho ngezindebe zami.

<sup>5</sup> Khumbulani, uNkulunkulu usebenza kuphela ngomuntu. Wakhetha umuntu. Wa—Wayengaba neVangeli lishunyayelwa ngezinkanyezi, noma ngezihlahla, noma ngomoya ovunguzayo, kodwa Wakhetha umuntu. Yilokho Abelokhu ekwenza, wakhetha umuntu. “Embula izimfihlo zaKhe,” nokwazi kwaKhe phambili nezinto, “ezincekwini zaKhe abaprofethi,” Washo.

<sup>6</sup> Manje, umfo wayemi nje amafidi ambalwa ukusuka kimi, futhi wayesabise ngalokho ayezokwenza. Wayebukeka efana noGoliyathi. Futhi lapho uMoya oNgcwele wathi, “Ngenxa yokuthi uphosele inselelo iZwi likaNkulunkulu, kulobubusuku uzowela ezinyaweni zami.”

<sup>7</sup> Awu, manje ningabona, indoda ikulolohlobo lokudlanga izocabanga ngendoda esinda cishe amaphawondi ayikhulu namashumi amabili-nesishiyagalombili, kuleyo cishe engamaphawondi angamakhulu amathathu a—anjengentaba imi phambi kwakho, eyayikucabanga. Yathi, “Ngizokutshengisa ukuthi yizinyawo zikabani engizowela kuzo,” yahluthula ngokuhlehlisa inqindi yayo enkulu. Angizange nginyakaze; ngama nje lapho. Yase yenyukela kimi, yahlehla *kanje*, ukuba ingishaye.



<sup>8</sup> Ngase ngizizwa mina uqobo, ayikho into engangingayisho nhlobo, ngathi, “Sathane, phuma endodeni.” Angangamezeza ngaphezu kwalokho.

<sup>9</sup> Futhi ngenkathi ihlehlisa inqindi yayo; izandla zayo zaphakama, amehlo ayo afuqeleka kude le ngaphandle, futhi yahamba izungeza izungeza. Ulimi lwayo lwaphumela ngaphandle, nokugxaza amathe kwehla emlonyeni wayo. Yajika yazungeza yazungeza yazungeza, yase iwa phansi yase ixozomela izinyawo zami kuyiphansi.

<sup>10</sup> Futhi manje-ke nakhu kuphuma amaphoyisa, futhi ayeyifunisisa. Ngangiholele lawo maphoyisa amabili kuKristu, emuva lapho ekamelweni lokugqokela kuleliholo elikhulu.

<sup>11</sup> Futhi ngakho ngicabanga ukuthi sasinamashumi ayisithupha amanye evile ekhulwini ngaphakathi, futhi cishe impela okuphindwe kabili lokho ngaphandle. Liyidliwa imvula. Wona emile, ehla enyuka nemigwaqo, nezambulela.

Futhi langibamba kuyiphansi lendlu. Lase lithi, “Ngabe ifile na?”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane.”

“Awu,” lathi, “iphilisiwe na?”

<sup>12</sup> Ngathi, “Qhabo, mnumzane. Ikhonza lowomoya, uyabo. Futhi ayikho indlela yokuyisiza, nhlobo, ize ikukhiphe lokho ekhanda layo.” Ngathi, “Kodwa ngifisa sengathi beningayiginqa isuke ezinyaweni zami, ukuze ngikwazi ukunyakaza.” Niyabo?

<sup>13</sup> UTommy Osborn wakubona lokho, wayeseya ekhaya wase ezibethela yena uqobo ekamelweni izinsuku ezintathu.

<sup>14</sup> Washayela yonke indlela eya le eJeffersonville. Futhi uyehla eza neno, umfo othe ukwethuka kancane egijimisa imoto yakhe ejikeleza. Wathi, “Ucabanga ukuthi nginaso isiphiwo sokuphilisa na?”

<sup>15</sup> Ngathi, “Tommy, ubukeka njengomfana ophumelelayo, nento ethize engabaludumo eMbusweni kaNkulunkulu.” Ngathi, “Tommy, ungakwenzi lokho. Ungahambi ukuyocabanga ngalezozinto.” Ngathi, “Uyazi uNkulunkulu wakubizela ukushumayela iVangeli. Uma Ekubizela ukushumayela iVangeli, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kubaliwe kukho.” Wayesenyuka noMfowethu Bosworth.

<sup>16</sup> Futhi ngoluny’usuku ngama futhi ngabuka isakhiwo sakhe, futhi, o, he, amadola ayisigidi nohhafu, noma okuthize, kuso. Ngase ngibuka laphaya, uOral wayemi lapho. Ngangilindile. Ngangikade ngiphezulu. UOral wayenomoya omuhle kakhulu, nabononke babo, behamba bengitshengisa. Abafowethu abanomoya omuhle ngempela!

<sup>17</sup> Ngase ngima lapho, ngase ngicabanga. “Ngicabanga ukuthi, ngangisensimini bengakaqali. Bona, ngamunye,

bakutshela ukuthi babamba ukuphefumulelwa kulokho.” Ngase ngicabanga, “Ngingakuzonda ukubabona beza eofisi lami.” Mm! Nginomshini wokutayipha omncane owodwa uhlezi ekugcineni kwenqola. Ehhe. Niyabo? “Ngingakuzonda ukuba bona bawubone.” Ngase ngicabanga, “Nkosi, awubheke lapha, buka lesisakhiwo esikhulu esibiza amadola ayizigidi ezintathu, basho njalo.” Ngase ngicabanga.

<sup>18</sup> Ngabhaka phansi emgwaqeni, ngase ngihamba; kwathi, “ikhaya lesikhathi esizayo” lika *S'bani-bani*. “Ikhaya lesikhathi esizayo.”

<sup>19</sup> Ngase ngicabanga. Kodwa a—angikusho lokhu ekudeleleni lababafowethu, kodwa nje lokho okwashiwo kimi. Ngacabanga, liphi ikhaya lami lesikhathi esizayo na? Into ethize yathi, “Buka phezulu.” Ngakho lokho kunganele du. Inqobo nje... Ngiyobheka elami phezulu Lapho. Ngakho angisho ukuthi abayikubakhona Lapho, nabo, niyabo, kodwa lokho nje kwakungukuba kungikhuthaze, niyabo.

<sup>20</sup> Ngeke ngabanawo umuzwa owenele ukwazi ukuthi ngingayiphatha kanjani imali kanjalo. UNkulunkulu uyakwazi lokho, futhi. Futhi manje-ke ukuba-ke benginezibopho ezinkulukazi kanjalo, nicabanga ukuthi bengingezela lapha kulendawo na? Nicabanga ukuthi bengingawubamba umhlangano wezinsuku ezintathu lapha njengoMfowethu uRoberts na? Kanti, uMfowethu Roberts uzofanele abe nabalapha ezinkulungwaneni eziyishumi nsuku zonke. Ngani, bengingadlebeleka usuku lokuqala, ukuhlanguana nalokho. Niyabo? Ngani, ngingabamba umhlangano lapho kunabantu abahlanu khona, noma abantu ababili, noma umuntu oyedwa, noma ngiye noma yikuphi lapho Angithumela khona. Anginasidingo sanoma yini kodwa okuningi kwaKhe. Ngakho yilokho engifuna nikukhuleke, ukuthi ngizoba nokuningi kwaKhe, ukwazi Yena. INkosi inibusise!

<sup>21</sup> Zonke izixuku, manje, banezigaba ezintathu zabantu: amakholwa, abazenzisi, abangakholwa. Ninakho kuzo zonke izixuku.

<sup>22</sup> UJesu wayenakho kwabaKhe, futhi nginikhombisile ngobunye ubusuku ukuthi Wabehlukanisa kanjani ngokusho izinto futhi engakuchazi neze. Niyabo? Akazange asho ukuthi *kungani* babezofanele badle umzimba waKhe, *kungani* Efika; Wayezokwehla *kanjani*, Ofanayo enyuka. Lapho, lababantu babazi ukuthi Wayengumuntu nje, wayenegama elibi kwasekuqaleni nje, kodwa Wakusho nje ukuba ahlole ukukholwa kwabo.

<sup>23</sup> Labobafundi abazange bagudluke. Babengenakukuchaza. Kodwa bukani ukuthi uPetru wathini, “Nkosi, singayaphi na?” Niyabo, babebone iZwi likaNkulunkulu lalolosuku,

elalethenjiselwe leyonkathi, liqinisekiswa. Bathi, “Siyazi ukuthi Lowo ngumthombo.”

<sup>24</sup> Bukani owesifazane waseShunemi, indlela efanayo, ngenkathi ethola umfana omncane esibusiweni sikaElija. Wathi, “Ngibophelele umnyuzi, futhi ungami ngize ngikuyale.” Niyabo? Futhi waya kumuntu kaNkulunkulu. Futhi wayengazi. Kodwa wayazi uma uNkulunkulu wayengaba nalowomprofethi ukumtshela ukuthi wayezoba nendodana, wayengathola ukuthi uNkulunkulu wayithathelani indodana yakhe. Futhi wayephikelele ekwenzeni lokho. Futhi niyakhumbula, wahlala nokukholwa kwakhe—kwakhe—kwakhe waze wathola ukuthi yini eyayi... ukuthi kwabangelwa yini. NoElija wahamba, engazi ngisho nokuthi wayezokwenzani, wehla enyuka kwiphansi lendlu; wabeka umzimba wakhe phezu kwengane, futhi iyaphila.

<sup>25</sup> Niyabo, kungenxa yokuthi abantu bayakholwa. Ba—bangechaze. Akekho ongachaza uNkulunkulu. Kodwa uma ubona uNkulunkulu enza into ethize eZwini laKhe, Athembisa ukuthi Uyoyenza!

<sup>26</sup> Bukani kulawomabutho amaRoma adakiwe ngalolosuku ngaphambi nje kokuba ukubethelwa kwenzeke. EMhlabise phandle lapho, futhi eMmukula ebusweni nasezihlathini, nezinto ezinjalo, bathi, “Manje, uma Ungumprofethi, sitshela ukuthi ubani oKushayile.” Wayazi ukuthi ubani oMshayile, kodwa akazange Adingeke ukuba ahlekise. Niyabo? Wavele nje—Wavele nje wenza... .

<sup>27</sup> Wathi, “Ngiqinisile, ngiqinisile... .” UJohane oNgcwele 5:19, manje lalalani. “Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo; kuphela lokho Ebona uYise ekwenza, iNdodana iyakwenza kanjalo.” Ngakho-ke, Akazange enze nesisodwa isimangaliso Waze wakhonjiswa nguNkulunkulu, ngombono, ukuthi Akenzeni, ngokwamaZwi aKhe uQobo. “INdodana ingenze lutho ngokwaYo,” hhayi lokho Ekuzwayo, “kodwa Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza.”

<sup>28</sup> Akukho-mprofethi, akukho-mboni eBhayibhelini, oke wenza into ngaphandle kokucabanga. UNkulunkulu ukhombisa kuqala. Ngakho akukho—akukho-nyama yomuntu, ayikaze ngisho inyama kaJesu qobo lwaKhe, engakhazimulisa. Konke kuNkulunkulu. UNkulunkulu wenza ukukhombisa, ukubona, sikwenza nje njengoba Esikhombisa futhi esitshela. Ngamunye wethu wenza lokho.

<sup>29</sup> Ngakho kwangathi iNkosi inganibusisa manje. Futhi ngizonicela futhi, kulentambama, njengoba sifunda iZwi... . Futhi ningabantu abahle kabi, bencingama nje futhi ngikhulume kini futhi ngikhulume kini.

<sup>30</sup> Kodwa ngifuna ukusho, futhi, ngenza ichilo eMlayezweni uNkulunkulu anginike wona, ngokugijimela phakathi nje

lapha... Besingaba nezinkonzo ezinhlanu, kodwa ngicabanga ukuthi asikwazanga ukuthola ihholo, ngakho sidingeke nje ukuba siyenze ibene; lapha ubusuku obuthathu, bese-ke kuba yinkonzo yokuphilisa. Ini, niyabo, awukwazi ngisho nokusondela kokuqala. Ngakho mhlawumbe ngolunye usuku, uma uNkulunkulu ethanda, ngi... nosizo lukaNkulunkulu nombambiswano lwenu bantu abahle, ngithanda ukubuya futhi ngithole bonke abafowethu, bonke babendawonye. Thina, kungezwakala kuhlekisa kancane, kodwa, “Wozani, sithethe indaba,” isho iNkosi. Asi—asikubone nje lokho kuze—kuze kube yileso sikhathi. Uma ngingatholi ukukwenza, khumbulani, uma nginibona futhi eceleni koMfula, uNkulunkulu uyofakaza futhi ukuthi leli yiQiniso enginitshela lona. YiZwi laKhe.

<sup>31</sup> Bengingebe ngumzencisi, enje pho—enje pho... Bengingaba nani engiyibekelele na? Nginonkosikazi nabanye abantwana ekhaya, bekhala kuthelifoni, esikhashaneni esedlule, “Awuzi ngani ekhaya na?” Niyabo? Kodwa kunabanye abantwana ogulayo nodingayo. Kunamanye amakhosikazi amadoda, nabayeni, abadinga insindiso. Ngeke ngakwenza lokho, uma ngilindele ukuwela uMfula. Niyabo, Laphaya ngiyohlala phansi futhi ngiphumule isikhashanyana ke. Kuze kube yileyonkathi, sengigugile, futhi angikwazi—angikwazi ukuzwa njengoba ngangenza ngenkathi ngiqala ukuqala eminyakeni eyedlule, kodwa ngi—ngiyahamba nje, noma kanjani. Ngiyahamba nje, noma kanjani, ngoba leli yithuba lokugcina engiyokwazi ukukwenza ngikulo, kulokhu kuphila. Okunye ukuPhila, akuyikukudinga lokhu.

<sup>32</sup> Asisukume manje ekuhlonishweni kweZwi laKhe, sisaphenya kuMarku isahluko 16. Futhi ngizoqala ukufunda kusukela evesini 9. Lalelisani, uma nifisa.

<sup>33</sup> Lona ngumlayezo wokuvala. Lona namhlanje ngumlayezo wokuvala kwalengxenye yomkhankaso lapha. Nalokhu engikufundayo kungamaZwi okuvala, izinto zokugcina uJesu azisho eBandleni laKhe ngaphambi kokuba Amuke, amaZwi okugcina masinya impela emva kokuvuka.

<sup>34</sup> Isahluko 16 sikaMarku oNgewele, ngizoqala ngevesi 9.

*Manje uJesu esevukile ekuseni ngosuku lokuqala lweviki, wabonakala kuqala kuMariya Magdalena, ayekhiphe kuye amademoni ayisikhombisa.*

*Yena wahamba wabikela labo ababenaye, besalila bekhala.*

*Kwathi bona, sebe... zwile ukuthi uyaphila,...*

<sup>35</sup> Cabangani nje ngalokho, “sebezwa ukuthi Wayephila.” O, he! Ngethemba ukuthi singezwa into efanayo namhlanje, futhi sazi ukuthi Uyaphila. Ehhe.

*...zwile ukuthi uyaphila, nokuthi uboniwe nguye, abaze bakholwa.*

*Emva kwalokho wabonakala (kwabanye) ngesinye isimo kwababili kubo, behamba, beya emaphandleni.*

Lowo kwakunguKleyophase nomngani wakhe, beya e-Emawuse.

*Nabo bahamba babikela abanye: nalabo abaze bakholwa.*

*Kamuva, ngasemuva wabonakala kwabayishumi nanye behlezi ekudleni, wabasola ngokungakholwa kwabo nangobulukhuni benhliziyo, ngokuba bengakholwanga yilabo abambona esevukile.*

Angazi noma Ubengayenza yini into efanayo kithi manje na? Niyabo?

*Wayesethi kubo, Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iwangeli kukho konke okudaliweyo.*

*Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa;... ongakholwayo uyakulahlwa.*

*Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; Ngegama lami bayakukhipha amademoni; bashumayele ngezilimi ezintsha;*

*Baphathe izinyoka; futhi uma bephuza okubulalayo, akusoze kwaba nangozi; bayakubeka izandla zabo phezu kwabagulayo, futhi basinde.*

*Njalo ke iNkosi isikhulumile kubo, yakhushulelwa ezulwini, yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu.*

*Kepha bephuma, futhi bashumayela ezindaweni zonke, iNkosi isebenza nabo, ...iqinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo. Amen.*

<sup>36</sup> Manje indikimba yami, kulentambama, ngizoyikhipha lapha: *ICala laseNkantolo*.

Manje asikhothamise amakhanda ethu.

<sup>37</sup> Baba wethu waseZulwini onoMusa, sicela Wena manje ukuba uthathe iZwi laKho; futhi njengoba silikhuphula, kulentambama, lokhu kuthethwa kwecala kweZwi laKho, sikhulekela ukuthi sizobuzwa uBukhona bukaJesu ovukileyo, futhi kwangathi singevilaphe kakhulu. Futhi njengoba Washo kulabo ngenkathi Ukhuluma kubo endleleni eya e-Emawuse, ukuthi Wakhuluma kanjani kubo futhi Wabatshela ukuthi babe... "Babekhathazeke ngani na? Yini ababedabuke kangaka ngayo na?"

<sup>38</sup> Futhi basho, ukuthi, "Ufanele ukuba yisihambi." Futhi wabatshela ukuthi... "UJesu waseNazaretha, Obengumprofethi ngesenzo."

<sup>39</sup> Futhi ngenkathi bekhuluma kuWe njengomprofethi, ngaleyonkathi kwakungengaphezu nje kokufanela ukuthi Ufanele uye eZwini, ungumprofethi, ngokuba iZwi liza kumprofethi. Khona-ke Waphendukela kubo, wase ethi, “Nina eningaqondiyo, nenilibele enhliziyweni ukuba nikholwe, ukuba ningakholwa yikho konke lokho abaprofethi ababekushilo mayelana noKristu, ukuthi nga Ehlupheka kanjani ngazo zonke lezizinto Ozishilo, bese-ke engena enkazimulweni yaKhe.” Futhi kuqala eTestamenteni eliDala, emuva le ekuqaleni, wabachasisela ukuthi abaprofethi babetheni ngaYe uqobo. Kodwa, manje-ke, babesalokhu bengaqondi.

<sup>40</sup> Kodwa bathi bengabangaphakathi endlini, iminyango yavalwa, khona-ke Wenze into ethize nje ngendlela Owayenza ngaphambi kokuba Ubethelwe, kwase kuthi-ke amehlo abo avuleka. Wanyamalala ngokushesha ebusweni babo. Futhi bagijima futhi batshela laba, ababehlezi edineni, ukudla kwakusihlwa. Futhi wabasola ngenxa yokungakholwa kwabo, ngenkathi Ubonakala ezindongeni futhi wabatshela ukuthi babefanele baKukholwe, nobulukhuni benhliziyo yabo.

<sup>41</sup> Nokuthi lababafundi bajabula kanjani ngoba Wena wenziwa waziwa, ngoba Wenza into ethize ngendlela efanayo Owayenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho. Bazi ukuthi kwakunguWe; onguyena izolo, namuhla, naphakade.

<sup>42</sup> O Nkulunkulu, ngiyacela, namhlanje, kwenze futhi. Ngena phakathi kwethu. Futhi Wazethembisa lezizinto ngokwezinsuku zokugcina. Futhi kwangathi izinhliziyu zethu zingebhe luvindi kakhulu nge . . . ngesayense yezenkolo yesimodeni nezinto zezwe, ukuthi sizohluleka ukukubona Wena. Vula ukuqonda kwethu, amehlo, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

<sup>43</sup> Manje, ngithemba ukuthi ukubonakala kokuvuka kwaKhe okuqinisekisiwe kuleliviki, okuncane esikubonile, ubungathi kulesisikhathi, kulesisigaba, kuyisikhathi sakho sokuqala, ukuthi ukuba manqikanqika kancane ngakho, ngoba into kuphela oyibonayo yingxenyane encane nje. Kodwa akukaze nakanye kube yiphutha, emashumini ezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zezikhathi. Akukaze kube yiphutha. Bangaki phakathi lapha ongufakazi walokho, phakamisani izandla zenu, lokho kade ku . . . Niyabo? Akukaze, akukhathali ukuthi sizwe sini, kuphi, indawo, akukaze kusho noma yini ukuthi iyokwenzeka kodwa yenzeka ncamashi ngaleyondlela. Ngakho, ayikho into engabayiyo du kodwa uNkulunkulu, yedwa. Niyabo? Impela.

<sup>44</sup> Kodwa, kusobala, kuzofanele ibukeke imathunzi. Kuzofanele kube ngaleyondlela. Kwenza kanjalo ngosuku lwaKhe, kanjalonjalo. Ngisho nokuzalwa kwaKhe, nayo yonke

enye into, yayibukeka imathunzi. UNkulunkulu wenza lokho ukuba nje ahlrole ukukholwa kwabantu baKhe.

<sup>45</sup> Manje, kulentambama, ngicabange ukuthi akuzukuba ngaphezu kwanoma impela...Futhi emva kokubonakala kwaKhe phambi kwethu futhi ehamba edabula indlu futhi ehlulela imicabango yenhliziyi. Futhi ngisebenzise kuphela emithathu noma emine imiBhalo emincane, nani.

<sup>46</sup> Okungukuthi, uNkulunkulu uyazi ukuthi yonke imiBhalo ihlangana ndawonye. Akukho nesisodwa isiphosiso kunoma imuphi waYo. Akukho nowodwa ophikisana nomunye. Manje, abantu bathi uyaphikisana. Nginikele ngomholo wonyaka kunoma yimuphi umuntu oyongikhombisa khona, lapho iZwi eLiziphikisa khona. ALiziphikisi. Uma liziphikisa, alilungile kimi. Lifanele libe yiQiniso ncamashi.

<sup>47</sup> Manje, uNkulunkulu uzohlulela izwe ngento ethize. Uma Elehlulela ngebandla, manje-ke liphi lona ibandla? Isizathu, elinye lehlukile kwelinye. Kodwa Uzolehlulela ngoJesu Kristu. IBhayibheli lasho njalo. NoKristu uyiZwi. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu.” Walehlulela ngezinsuku zikaNowa, futhi Walehlulela ngezinsuku zikaMose. Walehlulela nsuku zonke, nosuku lwaKhe, futhi ngisho nakulolusuku, ngeZwi elithenjisiwe elifanayo lalowonyaka. Kuphakathi kokuthi siyaLikhohwa, noma asiLikhohwa, kodwa Ubophezeleke ekwenzeni iZwi laKhe libe ngeliqinisile. Niyazi, kuMathewu 12 lapho, kwakusho lokho, ukuthi . . .

<sup>48</sup> “Nakuba Wayenze izinto eziningi kakhulu, nokho abantu babengenakukholwa. Ngoba, uIsaya uthi, ‘Banezinhliziyi, abaqondi; amehlo, ababoni; izindlebe, abezwa.’” Kwakufanele kugcwaliseke.

<sup>49</sup> Kanjalo nalokhu kuzofanele kugcwaliseke. “Bayoba ngabanamawala, abakhukhumeleyo, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abahlebayo, abangenabumnene, abangathandi okuhle; benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha aMandla akho bewaphika, aMandla kaNkulunkulu abanesimo sawo.” Into edabukisa manje pho! Ukuba ke lowo bekunguwe na? Cabanga ngowesilisa noma owesifazane ongenakukukholwa lokho. Ukuba ke lowo bekunguwe na? Kucabange nje. Ku—kufanele kudatshukelwe, hhayi ukuba kuklolodelwe, kodwa ukuba kudatshukelwe. KuyiQiniso impela. Qaphelani manje.

<sup>50</sup> Namhlanje ngizobiza lokho ebesingakubiza ngokuthi... okwemizuzu embalwa manje, ngaphambi kokuba sikhulekele abagulayo. Futhi sizozama ukuphuma lapha phakathi kwemizuzu engamashumi amane alandelayo, uma kungenzeka, kodwa ngifuna nje ukuba nokuthethwa kwecala okuncane kuqala.

<sup>51</sup> Futhi manje icala lingukuthi, namhlanje, kulelicala lasenkantolo. Manje uma nizolalelisisa nje, futhi nikugcine emqondweni engizama ukukusho. Akuzukuba kude. Icala, lingukuthi, “Isithembiso seZwi likaNkulunkulu sibhekene nezwe.” Manje i—icala lingebizwe ngaphandle uma lingesizathu esithize. Ufanele ulethule icala. Necala elibizwa kulenkantolo kulentambama... Manje ngifuna nina, nonke, ngi—ngiyaniyala, ukuba nilalele icala. Manje icala, lingukuthi, “Izethembiso zeZwi likaNkulunkulu zibhekene nezwe,” icala.

<sup>52</sup> Nesizathu sokubekwa icala, singukuthi, “Ukwepulwa kwesithembiso.” Ningizwa kahle na? Phakamisani izandla zenu, uma nizungeze macala onke manje, nizwa. U—ukubekwa icala, kungukuthi, “Ukwepulwa kwesithembiso. UNkulunkulu wenza isithembiso futhi akanamathelanga kuso.” IZwi likaNkulunkulu lenza isithembiso, ngakho Ungo—Ungongeniselwa ukuthethwa kwecala lasenkantolo. “Ukwepulwa kwesithembiso.”

<sup>53</sup> Manje, ummeli oshushisayo njalo umela umbuso, uma ngiqonda ilungelo lezinkantolo. Ngakho ummeli oshushisayo kuleli umele izwe, nommeli oshushisayo nguSathane. Umela izwe ngoba izwe lingelakhe. Futhi umele izwe, futhi ungummeli wabo oshushisayo.

<sup>54</sup> Ummangalelwa kulelicala uNkulunkulu uSomandla, ummangalelwa.

<sup>55</sup> Futhi manje ummangalelwa njalo unofakazi ovikelayo. Nofakazi ovikelayo kulelicala nguMoya oNgcwele. Futhi manje sizo... .

<sup>56</sup> Futhi u—ummeli oshushisayo naye unabanye ofakazi ecaleni, futhi ngizobasho ngamagama. Futhi omunye wabo nguMnu. Ang’kholwa, olandelayo nguMnu. Mnqikazi, nolandelayo nguMnu. Ang’bekezeli. Laba bayilowo ozama ukuthola ukwahlulela ngokumelana noNkulunkulu.

<sup>57</sup> Manje sine... bonke a—abalingiswa babizelwa phakathi manje. Futhi sisenkantolo, ngakho sizobiza inkantolo ukuba ithule ilalele. Kulungile. Ukuthula kulalelwe—ukuthula kulalelwe, inkantolo ibizelwa ealtare, noma ukuba ithule ilalele.

<sup>58</sup> Nommeli oshushisayo manje uzobiza ufakazi wakhe wokuqala ukuba anikeze ubufakazi. Nofakazi wakhe wokuqala ukuba ame nguMnu. Ang’kholwa.

<sup>59</sup> Nokukhononda kwakhe kungukuthi, ukuthi, “Isithembiso seZwi likaNkulunkulu asisilo nhlobo iqiniso.” Yilokho ukukhononda kwakhe okuyikho, ufakazi wokuqala unjalo. Uzisho ukuthi uyikholwa; nakuba engesilo; kodwa uzisho ukuthi uyilo. Futhi uzisho ukuthi waye “thamele lapha, esikhathini esithize esidlule, okaMoya oNgcwele, obizwa kanjalo, umhlangano, lapho abantu babebeka izandla phezu kwabantu, futhi benikeza amalungelo abo angokomBhalo



ukuba benze lokhu, bekufunda kuMarku 16,” lapho engisanda kufunda khona. “Bayobeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayosinda.”

<sup>60</sup> UMnu. Ang’kholwa uyafakaza, futhi uyasho, ukuthi, “Nganginezandla zalo, owayebizwa ngokuthi, umshumayeli ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ubeka izandla phezu kwami, ngokukaMarku 16, isithembiso uNkulunkulu asenza. Nendoda yathi yayiyikholwa. Nabaningi bazisho ukuthi baphilisiwe. Futhi yabeka izandla zayo phezu kwami, futhi lokho sekube yizinyanga ezimbili ezedlule, futhi akukenzeki lutho. Ngakho-ke, isithembiso asiqinisile.” Kulungile. Sicela uMnu. Ang’kholwa ukuba ehle.

Ummeli ongumshushisi, uSathane, ubiza ufakazi wakhe olandelayo.

<sup>61</sup> Ufakazi olandelayo osukumayo, nguMnu. Mnqikazi. Manje uyafakaza. Wathi, “Ngaya ebandleni. Ngangigula, ngase ngiya ebandleni elalifanele ukuba nomelusi omesabayo uNkulunkulu kulo, elalinokukholwa eZwini likaNkulunkulu. Futhi wayene—nophiso lwamafutha oluncane luhlezi phezu kwedeski lakhe—lakhe. Nabobonke abantu bakhe abangena lapho, ababefuna ukukhulekelwa, wabagcoba ngamafutha, efunda isithembiso seZwi likaNkulunkulu, kuJakobe 5:14.

<sup>62</sup> “Wafunda iZwi, wayesethi, ‘Uma ekhona ogulayo phakathi kwenu, makabize amalunga ebandla, mababagcobe emafutheni futhi babakhulekele, nomkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, noNkulunkulu uyakubavusa. Uma benze noma yisiphi isono, uyakuthethelelwa sona.’ Futhi manje,” wathi, “nganginalomelusi, kuye engangizwe izimfazazo ezivela kwabanye, ungigcoba ngamafutha, engifundela umBhalo, esithembisweni sikaNkulunkulu. Futhi lokho sekube ngaphezu kwenyanga edlule, futhi ngisalokhu ngigula nje njengoba nganginjalo ngenkathi engigcoba.” Ngakho-ke, lokho ngukukhononda kwakhe. Makehle uMnu. Mnqikazi.

<sup>63</sup> Futhi ummeli oshushisayo, uSathane, ubiza ufakazi wakhe—wakhe olandelayo. Ufakazi wakhe olandelayo nguMnu. Ang’bekezeli. Lelo yishinga. Niyabo? Ngiyaxolisa ngalesosisho. Niyabo? Ukwenza nje, ukwenza ushaywe uvalo kakhulu, awazi ukuthi wenzani. Niyabo?

<sup>64</sup> UMnu. Ang’bekezeli, uzisho ukuthi u... “Ngolunye usuku, esafunda iBhayibheli...” Bonke laba bazisho ukuthi bangamakholwa manje. Futhi ba... Uzisho ukuthi waye “funda iBhayibheli,” futhi u “hlangana nendima kaMarku 11:22 nelama 23, lapho uJesu qobo lwaKhe wenza isithembiso, ukuthi, ‘Uma nithi kulentaba “nqukuleka,” futhi ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholwe ukuthi enikushilo kuzokwenzeka, ningaba nakho enikushilo.’ Kanti futhi Uthi, ‘Uma wena, uma ukhuleka, ukholwe ukuthi uyakwemukela okucelayo.’”

Manje uthi, “Kade ngingo—ngokhubazekile ezinyaweni zami, ngiyisishosha ezinyaweni zami, iminyaka engamashumi amathathu. Futhi ngasemukela lesosithembiso, iminyaka emihlanu edlule, futhi akukho lutho olwenzekile kusukela ngaleyonkathi. Ngisalokhu nje ngikhubazekile njengalokhu bengihlala nginjalo.” Manje, manje ipros- . . . Manje-ke uyehla.

<sup>65</sup> Manje ummeli oshushisayo uzothi ukubukisa ngecala. Ngakho ummeli oshushisayo, onguSathane, uthi emphakathini, niyabo, “Lababantu bazisho ukuthi bangamakholwa. NoNkulunkulu akathethelelwa ekubekeni izithembiso ezingubudedengu obungaka eZwini laKhe, uma Engaseseki.” Niyabo, ubeka icala uNkulunkulu. “Ubeka lezizethembiso eZwini laKhe, enzela abantwana baKhe abakholwayo. Nabantwana baKhe abakholwayo benyukela lapha futhi ufakaza ukuthi bemukele lesisisho, Asenze eZwini laKhe, ukuthi siyiQiniso, futhi abanamiphumela kuLo nhlobo.”

<sup>66</sup> Ngakho-ke ubeka icala uNkulunkulu, ezama ukuba icala libe ngakuYe, ukuba athi, “UNkulunkulu ubeke into ethize eZwini laKhe, Enzela abantwana baKhe abakholwayo, futhi akami emva kwalokhu Akwethembisa.” Futhi usho ukuthi, ukuthi, “Akanabulungiswa ukwenza isithembiso esinjalo kubantu, kubantwana baKhe abakholwayo, futhi akakwazi ukweseka lokho Athi Uyokwenza.” Manje ummeli oshushisayo ukhombisa icala elinzima lapha ngokumelana nomngalelwa. “Akakwazi ukuLeseka, ngoba sinofakazi lapha, ukuthi, ‘Akami emva kweZwi Alethembisa.’”

<sup>67</sup> Nokho, ummeli oshushisayo uqhubeka nokukhuluma. Ummeli oshushisayo uthi, onguSathane, “Nokho, uNkulunkulu uyethembisa, ukuthi, ‘Konke kungenzeka kwabakholwayo.’ UNkulunkulu usho lokho eZwini laKhe.” Ummeli oshushisayo u—u—ulinamathisela thaqa ngophawu icala lakhe manje, niyabo. Ucabanga ukuthi unalo ngoba ofakazi abathathu abanikeza ubufakazi, futhi babunikeza emBhalweni, futhi ucaphune umbhalo kahle, nayoyonke into indlela a—abakwenze ngayo. Futhi manje ummeli oshushisayo unamathisela ngophawu futhi lezozindawo ezincane, ukuthi, “UNkulunkulu uthembisa ukuthi, ‘Konke kungenzeka kwabakholwayo.’”

<sup>68</sup> Nokho, futhi ummeli oshushisayo uyakhuluma, uSathane, futhi wathi, “UNkulunkulu wethembisa ukuthi uyaphila emva kokuba kade Esebethelwe. Izithembiso, Uthembisa ukuthi Usaphila namanje. Kanti, futhi, Uyethembisa emBhalweni waKhe, amaHeberu 13:8, ukuthi, ‘Nguyena izolo, namuhla, naphakade.’ Futhi Akakwazi ukweseka noma ukwesekela Akwethembisayo.” Ulishayela phansi ngesipikili, liqine ngqi, ukuze lingabibikho i—ithuba lokuphuma kulo. “Akakwazi ukukwenza. UNkulunkulu angeligcine iZwi laKhe,” elinye izwi. “Uzisho ukuthi Uyaphila evela kwabafileyo.

69 “Uzisho ukuthi, futhi, kuJohane 14:12, ukuthi, ‘Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.’ Ubengakakwazi ukweseka lokho. Washo futhi, emBhalweni, ‘Kuseyisikhashana izwe lingabe lisangibona, nokho niyoNgibona nina. Ngokuba Ngiphila mina, nani niyaphila.’

70 “Qaphelani futhi, Uyazisho ukuthi kuMarku . . . i—isahluko 17, ekhuluma ngemihla yaseSodoma, esiphila kuyo manje, ‘njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma,’ ukuthi inkundla yezwe iyoba sendaweni efanayo. Nokuthi uNkulunkulu uyokwehla, eyiZwi elibonakaliswa enyameni lapha emhlabeni, futhi akwazi ukwenza izinto ezifanayo nje u—u—uNkulunkulu azenza, okwakuyindoda esimweni somuntu, owabizwa, nguAbrahama ngokuthi, ‘Elohim.’ Futhi uJesu wathi, ‘Lapho iNdodana yomuntu yembulwa’ ngemihla yokugcina, ukuthi Uyozebula Yena uqobo ngendlela yokwenza efanayo eyathathwa ngemihla kaLoti, enikeza inkundla.

71 “Uyethembisa futhi, ukuthi, ‘Uyoba nathi, abekithi, kuze kube sekupheleliseni, noma ekupheleni kwezwe.’ Uyazisho futhi, ukuthi, ‘Kokubili amazulu nomhlaba kohluleka, kepha iZwi laKhe alisoze lehluleka.’”

72 Manje ngicabanga ukuthi ummeli oshushisayo ucabanga ukuthi icala lakhe ulinamathelise ngophawu kahle impela. Unofakazi ukufakazisa ukuthi leliZwi alisilo iQiniso.

73 Manje niyikho kokubili ijaji nabasizi bejaji, kulentambama. Nina, umqondo wenu, ungabasizi bejaji. Nezenzo zenu ziyijaji. Nina, niyinoma yini isinqumo samajaji sabasizi bejaji esiyikho. Niyoveza lokho isinqumo senu sabasizi bejaji esiyikho. Niyabo? Nizofanele nenze lokho, ngoba izenzo zenu zikhuluma kakhulu kunamazwi enu. Niyabo? Kunjalo. Ningasho into ethize, kodwa uma ningayiqondile ngempela, ngeke nayenza. Niyabo? Izenzo zenu ziyohamba zizwakale kakhulu kunamazwi enu. Qaphelani.

74 Manje ummeli oshushisayo akehle. Usenikeze, usebenabo ofakazi bakhe, futhi sebefakazile. Futhi ummeli oshushisayo ukhiphele iZwi lapha futhi waLinameka ngophawu ngendlela nje aLifuna ngayo. Ngokuba, ucabanga ukuthi icala uselinameke thaqa ngophawu ngokuphelele manje, ngakho ummeli oshushisayo nofakazi bakhe abehle basuke ebhokisini.

75 Manje sizobiza ufakazi ovikelayo, uMoya oNgcwele. Niyazi, uma kukhona ummangalelwa, kuzofanele kubekhona ufakazi ovikelayo. Ngakho sizobiza ufakazi ovikelayo ukuba avikele ummangalelwa, uMoya oNgcwele.

76 Into yokuqala uMoya oyiNgcwele ayishoyo uma Enyuka, yile. Ufuna ukunakisa u pros- . . . umshushisi, lo ozama ukuthetha icala elibekiwe, ukuthi, “Umshushisi ulihumushe ngokungesikho iZwi kubantu, njengoba enza nje esidalweni esingumuntu sokuqala, uEva, ensimini yaseEdeni. Ulihumushe

ngokungesikho iZwi kubantu.” Futhi uMoya oNgcwele, ufakazi ovikelayo, ufuna kunakwe lokhu.

<sup>77</sup> “Qaphelani, wakusho lokho, u—umshushisi ushilo, ukuthi, ‘Lezizithembiso zikumakholwa.’ Futhi, ukuthi, amakholwa iyonanto kuphela isithembiso esikuwo, hhayi kwabangakholwa nabanqikazi.” Ufakazi ovikelayo, izisho zaKhe, ukuthi, “UNkulunkulu ngokwehlukile wathi kwakukumakholwa; futhi uthi akunakwe ukuthi ngamunye ofakazile, ekubhikisheleni iZwi, uvumile ukuthi abanye bazisho ukuthi baphilisiwe.” Niyabo? Ngakho lokho kumjikijela ngaphandle ngqo manje, niyabo, kodwa asiqhubeke necala isikhshanyana.

<sup>78</sup> Futhi ufakazi ovikelayo ufanele azi ukuthi ngabe bangamakholwa yini noma qha, ngoba nguYe Ophilisa iZwi. Uyazi ukuthi bangamakholwa yini noma qha. Anicabangi kanjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ufanele azi. Uyazi noma bangamakholwa noma qha, ngoba nguYe kuphela ongafaka ukuPhila eZwini. Lapha kungaba ngumzimba wami umi lapha ungenamoya, bencingaba ngofile; kodwa ngukuphila kuphela okungavusa lomzimba ukuba unyakaze. Futhi yiwona Moya oNgcwele kuphela ongaphilisa iZwi. Nguye kuphela ongaLifaka emnyakazweni, futhi Ufanele azi noma bangamakholwa noma qha. Futhi ngokuphikisana nobufakazi babo uqobo ukuthi bathe, “Abanye bayazisho ukuthi baphilisiwe, futhi abanye bazisho ukuthi babona lezizinto,” kodwa bona abazange. Manje, niyabo, ubufakazi bakhe sebuvele buchithiwe.

<sup>79</sup> Kodwa, manje, Uphilisa iZwi. Kanti futhi Ufuna kunakwe iZwi lomshushisi, noma abashushisi obuzekayo. “Akazange abeke noma yisiphi isikhathi esithize salokhu kuphiliswa. Wathi, ‘Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa okholwayo. UNkulunkulu uyakubavusa.’ Wathi, ‘Bayobeka izandla phezu kwabagulayo.’ Futhi Akashongo ukuthi bayogxuma baye phezulu ngayo leyonkathi bese bephiliswa. Wathi, ‘Bayosinda, uma bekholiwe.’ Niyabo, elicaphuna ngokungesikho iZwi! Niyabo?”

<sup>80</sup> Ngicabanga ukuthi sinofakazi omuhle ovikelayo. Manje, lapho, Ufanele azi ukuthi bayakholwa noma qha. Wayengakusho lokho. Futhi U—Uwuqondisa ngempela umBhalo lapha, ngoba ufakazi ovikelayo njalo wayenza lokho, ngamagama eBhayibheli. IZwi njalo Liziqondisa lona uqobo.

<sup>81</sup> Futhi sithola ukuthi Washo, ukuthi, “USathane, ulicaphune ngokungesikho iZwi kulowo ongakholwayo, nongakholwayo wayengazi kwehluka. Kodwa lowo owaLikholwayo, wayazi nje ncamashi ukuthi Lathini, futhi wabambebelela kuLo.” Niyabo? Niyabo? Ukuthi izisho zabo sasiyini, babengenakufakazisa. Kodwa bazisho khona, qobo lwabo, futhi babeyikho.

<sup>82</sup> Njengoba sizisho ukuthi sisindisiwe. Bathi, “Awu, ngikhombise ukuthi usindiswa kanjani.” Impilo yami ifakazisa ukuthi ngisindisiwe. Indlela engenza ngayo, iyafakazisa ukuthi ngisindisiwe noma qha. Akunandaba ukuthi ngifakaza kangakanani ngakho *lapha*, uzokwazi ukuthi ngiphila kanjani noma ngisindisiwe noma qha.

<sup>83</sup> Kuyindlela efanayo ngokuphiliswa. Uma ukwemukela futhi ukukholwe, uzokwenza njengakho. Kuzoba khona olukhulu ushintsho kuwe! Akukho okungakukhipha emqondweni wakho, kungengaphezu kwensindiso yakho. YiZwi likaNkulunkulu. Ufanele ukwemukele phezu kwezisekelo ezifanayo.

<sup>84</sup> “Nisindiswa ngokukholwa.” UJesu wathi kowesifazane owathinta ingubo yaKhe, Wathi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Manje, angisiso isifundiswa esikhulu ngezindlela ezinde, kodwa ngibheke amagama ambalwa. Manje lelogama lapho livela egameni lesiGriki *sozo*, okuchaza ukuthi, “usindisiwe,” kufana nje nokusindisiwe ngokuphathekayo noma okusindiswe ngokomoya. “Usindisiwe, sozo.” Wamsindisa ethuneni elingakafikelwa yisikhathi, kuyafana nje njengoba Ekusindisa esihogweni. Sozo, igama elifanayo lesiGriki liyasetshenziswa. Qaphelani, “Ukukholwa kwakho kuzozo, ukusindisile ekuguleni obunakho.” Qaphelani, igama elifanayo ngaso sonke isikhathi.

<sup>85</sup> “Futhi ethi akunakwe manje, umshushisi ulicaphune ngokungesikho iZwi, noNkulunkulu akazange asho ukuthi bayogxuma baye phezulu, ngokukhulu ukushesha, masinya nje sebebeke izandla phezu kwabo. Kodwa Wathi, ‘Abakholwayo, bayosinda.’ Lokho ngukuthi, uma ekholwa! Kukumakholwa kuphela.

<sup>86</sup> “Kanti futhi u—ufakazi ovikelayo ufuna kunakwe, enkantolo kulentambama, ukuthi, uNkulunkulu wathi iZwi laKhe laliyimbewu. ‘IZwi liyimbewu umhlwanyeli ayihlwanyelayo.’ Uma lomhlabathi, iMbewu iwela ohlobweni olukahle lomhlabathi, onemvundo eyenele kuwo ukwenza leMbewu uyiqhumise ekuphileni, uyiphilise, izophila.”

<sup>87</sup> Manje uma umuntu etshala imbewu. Uma ungumlimi, noma wazi noma yini ngokutshala noma iyiphi imbewu; uma utshala imbewu namhlanje, omunye ummbila, akesithi, uwufake engadini yakho. Futhi kusasa ekuseni uphume bese uyawumba bese uyawubuka, bese uthi, “Awu, akukho-mehluko kuwo.” Uphinde uwutshale. Bese kuthi ngosuku olulandelayo, ubuyele emuva, uwubuke, bese uthi, “Akukho-mehluko kuwo.” Awusoze wamila. Ungeke wakwenza. Uma uwumbile, usonile isithombe khona lapho. Ufanele uwunikele emhlabathini, futhi sekusemhlabathini-ke ukuba wenze konke okwawo.

<sup>88</sup> Futhi ngasosonke isikhathi uma ubuka izimpawu zakho zesifo, ufakaze ngazo, ukhononde ngazo, uNkulunkulu akasoze

akuphilise. Kunikele kuNkulunkulu futhi ukholwe iZwi laKhe. Uzokufezekisa. Noma ngabe kuyahluma, noma ngabe yini okuyenzayo, awunandaba. UNkulunkulu wakwethembisa, futhi sekungashiwo ukuthi usunakho ukuphiliswa kwakho uma ukwemukela. Kusesimweni sembewu.

<sup>89</sup> Uma ngikucele isihlahla som-oki, wase ungipha isithelo som-oki, sekungashiwo ukuthi ngesihlahla som-oki. Futhi uma ngikucele isikhwebu sommbila, wase ungipha uhlamvu lommbila, sekungashiwo ukuthi ngesikhwebu sommbila. Bese-ke ngilunikela emhlabathini, futhi ngilunisele, bese ngisusa lonke ukhula kulo, obelungadonsa amandla emhlabathini ngakulo, ngikhiphe ukhula. Manje-ke luzozimilela lona, ngoba lunikelwe, futhi luyimbewu eqhumile. Manje uma imbewu ingaqhumi, ingeke. Kodwa uma imbewu inembewana yokuphila kuyo, akukho lutho olungayivimba ekumileni.

<sup>90</sup> Omunye wathi, “Ucabangani ngokuvuka na?”

<sup>91</sup> Phuma lapha ngesikhathi sasebusika, uthululele uphisi kakhonkolo phansi ebaleni lakho, futhi buphi utshani bakho obuminyene ngonyaka ozayo uma sekufika intwasahlobo na? Onqenqemeni lwendlela. Niyabo, ngenkathi lokho kukhanya kwelanga, nomhlaba uhamba ungqangqazela kokuma kwalelolanganga futhi, ayikho indlela nhlobo yokukufihla. Ukuphila kuthola indlela yakho. Buhamba buchusha phansi kwalowo khonkolo, kanjalonjalo, bese buphumela ngqo ekupheleni kwendlela, bese bumisa ikhanda labo, ezindumisweni kuNkulunkulu uSomandla. Ilanga, s-u-n, lilawula yonke impilo yezimila.

<sup>92</sup> Ne S-o-n indodana ilawula konke ukuPhila okuPhakade. Ngokuba, Yona, futhi Yona yodwa, inokuPhila okuPhakade. UngeKufihle! Kunesibopho ukuba kube ukuvuka. Angikhathali ukuthi ukuphi, uyeza, noma kanjani.

<sup>93</sup> Futhi ufanele uphiliswe uma ukukholwa futhi ukwemukela. Kuyimbewu umhlwanyeli ayihlwanyela, futhi yawela emhlabathini. Futhi uma ifika... Ezinye zawela emadwaleni, niyazi, yayingenampande; ezinye zawela emeveni nezindumalo, nalokho kwayiminyanisa. Kodwa ezinye zaya lapho okwakungekho khona ukhula nameva namadwala.

<sup>94</sup> Manje kuyangokuthi yini o...Uma uvumela omunye ongakholwa eze endlini yakho, noma—noma omunye umuntu ongakholwa akutshele ukuthi, “Ngani, nazo lezozinto, ayikho—ayikho into enjengaLeyo,” uvumela ukhula ukuba lungene. Kucasukele lokho!

<sup>95</sup> Thana, “UNkulunkulu washo njalo! Lokho kuyakuxazulula. Ngiphilisiwe ngoba ngiyakukholwa enhliziyweni yami.” Nalokho kukholwa kulele lapho, nakho konke ukungakholwa kususiwe kukho, kufanele kukuveze. Kunjalo.

96 Manje, ufakazi ovikelayo ufuna ukubiza o—ofakazi abambalwa baye emsamo. Singaba naso isikhathi sokuba sikwenze na? Ufakazi ovikelayo ufuna ukubiza ufakazi manje, ofakazi baKhe, njengoba ummeli oshushisayo ebize ufakazi wakhe. Ufakazi ovikelayo uzobiza, kuqala, umprofethi uNowa, futhi amfakazise. “Nowa, yini ozoyisho manje, kulentambama, ngakho na?”

97 Wathi, “Ngangiphila onyakeni wesayense ophambili kude le kwezesayense yalonyaka. Lalingakaze line phezu komhlaba. UNkulunkulu wanisela umhlaba ngezimila, kanjalo kanjalo, ngeziphethu ezaziphansi komhlaba. Kodwa ngolunye usuku uNkulunkulu wafika kimi, wayesengitshela ukuthi lalizokuna amanzi aphuma ezibhakabhakeni. Nganikeza umlayezo wami. Futhi Wangitshela ukuba ngakhe umkhumbi. Lokho ngakwenza, futhi wathi lalizokuna amanzi aphuma ezibhakabhakeni.

98 “NoMnu. Ang’kholwa, uMnu. Mnqikazi, nabobonke abafu behlezi lapho, bangihleka usulu, futhi bangihleka, ngokukholelwa isimangaliso esinjengaleso, kanti ngokwesayense kwase kufakazelwe ukuthi akukho-manzi phezulu lapho. Babekwazi ukushutha inyanga; babekwazi ukushutha izinkanyezi. Babekwazi ukwenza izinto zalolohlobo, bakha izinto ngaleyonkathi thina esingeke sazakha namhlanje, ngakho bafakazisa, ngokwesayense, kwakungekho mvula phezulu lapho.”

99 Kodwa uNowa wathi, “UNkulunkulu wangitshela ukuthi lalizokuna. Futhi ngakholwa, uma uNkulunkulu asho njalo, Unamandla okubeka amanzi phezulu lapho, ngakho ngasuka ngagqonqa. UMnu.—uMnu. Ukungakholwa wangihleka usulu, uMnu. Mnqikazi wangingabaza. UMnu. Ukungabekezeli! Ngasuke ngagqonqa, ngaze ngakha umkhumbi. Nsuku zonke bayedlula, base bethi, ‘Awu, ngiqagele lizona namhlanje na? Ha-ha-ha!’”

100 Niyabo, indlela efanayo, “Ngangicabanga ukuthi wawusindle. Ngangicabanga ukuthi wawuzosinda.”

101 “Ikuphi imvula na? Uyazi, empeleni, mprofethi uNowa, njengoba ufanele ukuba nguye, wakusho lokho.” Manje khumbulani, labo aba...Lowo ngabantu oshaya sengathi bangamakholwa. Qhabo, uMnu. Ukungakholwa noMnu. Mnqikazi, nalabo banjalo, badlala ukuzisho ukuthi bangamakholwa. “Awu, mprofethi, Nowa, sasikwazi njalo ukuthi wawungumprofethi wamanga, ngoba unemibono engubuwula engabambisani nesayense. Ayibambisani nenkambiso yesimodeni. Uyabo, wena, awubambisani nabelusi bethu. Kukhona okungalungile. Siyazi ukuthi wena ngempela awusuye umprofethi. Kodwa wathi lalizokuna, lokho kwakuyinyanga edlule, akukabikho-mvula namanje.”

102 “Iminyaka emibili iyedlula, ‘Heyi, heyi, mprofethi, bengicabanga ukuthi wathi uNkulunkulu washo njalo?”

“Washo njalo.

“‘Awu, iminyaka emibili isidlule!’”

103 “Iminyaka emihlanu, iminyaka engamashumi amabili, iminyaka engamashumi amahlanu, umkhumbi usuqediwe.” UNowa wayehlezi umnyango. “Nakhu kufika uMnu. Mhleki-sulu, uMnu. Ang’kholwa, uMnu. Mnqikazi, uMnu. Angibekezeli, ‘Awu, manje, iphi imvula na?’

104 “UNkulunkulu wathi lalizokuna. Akashongo ukuthi nini. Wathi, ‘Lalizokuna.’ Akashongo ukuthi nini. Wavele wathi nje, ‘Lizokuna. Thola umkhumbi. Uzophepha kuwo. Lizokuna.’ Akashongo ukuthi lalizokuna nini. Wathi, ‘Lizokuna,’ futhi ngawakha umkhumbi.

105 “‘Awu, kubukeka kimi, sengathi, uma wakhe umkhumbi futhi uyenzile ingxenye yakho, uNkulunkulu uzokwenza ingxenye yaKhe.’

106 “Uzoyenza, kodwa Akashongo ukuthi Wayezoyenza nini. Wavele wathi nje izokwenza. ‘Lizokuna.’”

107 Ngakho siyathola, wathi-ke, “Iminyaka yedlula, yaya eminyakeni eyikhulu neshumi nesishiyagalolunye, futhi nje sekusilele cishe izinsuku eziyisikhombisa ekubeni kube yiminyaka eyikhulu namashumi amabili. UMnu. Ukungakholwa, uMnu. Mhleki-sulu, bonke laba abanye, uMnu. Mnqikazi, njalo, noMnu. Angibekezeli, bonke bahlekisa ngami, nayo yonke into, futhi bathi ngangi ‘Hlanya, ukuba ngikholwe isithembiso esiwubudedengu njengalobo. Lokho, uma uNkulunkulu angithembisa lokho, Washo into eyayingesilo iqiniso, futhi Wayengenawo amandla okukweseka lokho Akusho.’ Kodwa ngamkholwa uNkulunkulu, futhi ngabambelela angangatazela. Nakho lapho okhona, ngaMkholwa. Ngabambelela angangatatazela.

108 “Futhi, niyazi, ngolunye usuku benyukela ukuzongihleka, nomnyango wase uvaliwe. Bathi, ‘Awu, uhlanya oludala luphumele lapho lase luvala umnyango, ngiyethemba.’ Kodwa ngibezwile. Kodwa ngabatshela, ‘UNkulunkulu uwuvalile umnyango. Akungabazeki ukuthi imvula izona namhlanje! Lokho kuyoba yiyo.’

109 “Usuku lokuqala lwedlula, kwakungekho mvula, base-ke bengihleka usulu ngempela. ‘Kuthiwa, “UNkulunkulu uvale umnyango.” Angizikholwa izinto ezinjengalezo. UNowa uvale umnyango, yena uqobo, yena namadodana akhe.’ Niyabo, uMhleki ohleka usulu, uAng’kholwa, uMnqikazi!

110 “Kulungile, kwaqhubeka isikhashana, kodwa ngoMeyi ziyishumi nesikhombisa, ngokunye ukusa, lana. Futhi la—labhubhisa ngokoqobo bonke labobantu owabekwa



esivivinyweni ngokumelana neZwi likaNkulunkulu, futhi wasindisa labo abamkholwa uNkulunkulu futhi benza amalungiselelo ayo.”

UNowa wathi, “Ake ngi testi- . . .”

111 “Qhabo, Nowa, yehla. Asibize omunye ufakazi. Asinaso isikhathi kulentambama.”

112 Asidedele u—ufakazi ovikelayo manje abize ufakazi wesibili. Uzobiza uAbrahama.

113 UAbrahama wathi, “Ngangingumuntu ojwayelekile nje, ikholwa, noNkulunkulu wakhuluma kimi ngeZwi laKhe, wayesethi, ngolunye usuku, ukuthi ngi ‘yoba nomntwana, ngoSara.’ USara wayenamashumi ayisithupha-nanhlanu, futhi mina nganginamashumi ayisikhombisa-nanhlanu. Ngashada naye ngenkathi wayeneminyaka ethi ayibe yishumi nesithupha ubudala. Wayengudadewethu ingxenye. Futhi wayengazali, nami ngangingazali. Wayeyinyumba, nami ngangingazali, ngakho kwakungekho-ndlela kithi ukuba sibe nalomntwana. Futhi ngakho saqhubeka, iminyaka. Kodwa uNkulunkulu wakwethembisa, futhi sehla futhi sathenga zonke izingutshana zokugqoka ezimbalabala nophini, nayoyonke into, salindela leyongane, futhi senza amabhuzwana. NoSara . . .

114 “Futhi inyanga yokuqala yedlula, ngathi, ‘Sara?’ Khumbulani, cishe usedlule ngeminyaka engamashumi amabili ukunqamuka ukuya esikhathini. Niyabo? Futhi ngathi, ‘Manje, Sara, ukhona umehluko kulolu lokugcina—lezizinsuku zokugcina ezingamashumi amabili nesishiyagalombili na?’

“Qhabo, akukho-mehluko.’

115 “Awu, ngangazi ukuthi sasizoba nayo ingane, noma kanjani. Futhi saqhubeka saqhubeka, unyaka emva konyaka, futhi ngangisalokhu ngimkholiwe uNkulunkulu.

116 “UMnu. Ang’kholwa, uMnu. Mnqikazi, noMnu. Ang’bekezeleli, bazama ngokwabo okwedlula konke ukusuka. Bazama ukungitshela ukuthi nganginephutha. ‘Ngani, Abrahama, wawungumlimi ophumelelayo, wawuyindoda ekahle, wonke umuntu wayecabanga ngawe, kodwa wachezukela ekupheleni okujulile. Ukholwa yinto engeke yaba yiqiniso. Akukho ngokwesayense ukuba ikhehla elinjengawe, nesalukazi esinjengoSara, ukuba nibe nengane.’

117 “Kodwa ngamkholwa uNkulunkulu, noma kanjani! Kwakuyiminyaka engamashumi amabili-nanhlanu kamuva. Akangitshelanga ukuthi ngangizoba naleyongane nini, kodwa Wathi ngangizoba nayo. Futhi ngamkholwa uNkulunkulu, futhi ngabala noma yini eyayiphambene ngokungathi yayingenjalo.”

118 “Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa. Akunandaba ukuthi bangaki abahleki abahleka usulu abathi, ‘Awusuye! Ungebe nguye!’

Akunakwenzeka! Hlakanipha! Uyahlanya!’ Wathi wakhula ngokuqina kakhulu ngokuqina kakhulu, ngaso sonke isikhathi.” Kwenze njalo-ke ukukholwa okungokoqobo. Akwazi kungabaza. Kodwa uma ungakwazi lokho, uyoyeka ngokukhulu ukushesha.

<sup>119</sup> “Ngakho, awu, Abrahama, ngi—ngicabanga ukuthi ubungaba—ubungaba ngufakazi omuhle kakhulu.”

<sup>120</sup> “IZwi alishongo ukuthi ngangizoba nini nengane, inyanga yokuqala, kodwa lathi sasizoba nayo ingane.”

<sup>121</sup> Kulungile, asibize omunye ufakazi ngokukhulu ukushesha. UIsaya, umprofethi, ake simbuze okuthize.

<sup>122</sup> “Ngani,” wathi, “iNkosi yakhuluma kimi ngelinye ilanga, ngesiprofetho. Ngangu—ngumprofethi. Wonke umuntu wayazi ukuthi lokho engikushilo, iNkosi yakuhlonipha, futhi bonke bangikholwa njengomprofethi. Futhi ngelinye ilanga nakho kufika into ethize engubudedengu, futhi Yathi, ‘Intombi iyokhulelwa.’ Awu, manje, lokho kwakungejwayelekile.”

<sup>123</sup> Futhi kwejwayelekile kuleyonto engejwayelekile ukuthi uNkulunkulu uyasebenza. Niyabo, kuxake kakhulu. NjengoJosefa, wa—wayefuna ukumkholwa uMariya, kodwa kwakungejwayelekile kakhulu, niyabo, akwejwayelekile kakhulu.

<sup>124</sup> Ngakho wathi, “Ngenkathi ngenza lesisiprofetho, wonke umuntu wangikholwa. Ngakho onke amantombazane amancane alungela, eyayingashadile, yalungela ukuba—ukuba noMntwana ozalwa yintombi. Usuku nosuku, unyaka nonyaka, wedlula, kwase kuthi-ke baqala ukukholwa ukuthi ngangungumprofethi wamanga. Kodwa ngiyazi ukuthi kwakunguNkulunkulu ofanayo owayehlala njalo enza lezizithembiso, ngakho ngahlala naso ngqo. Futhi kwakuyiminyaka elapha emakhulwini ayisishiyagalombili kamuva, ngaphambi kokuba ingane ifike, kodwa intombi yakhulelwa. IZwi laKhe lafezeka.”

<sup>125</sup> Ngokushesha, asibize omunye ufakazi. Asibize uMose. “Mose, wazalwa . . .”

<sup>126</sup> Bonke abaprofethi bamiselwe ngaphambili, siyakwazi lokho. “Iziphiwo nokubizwa, ngaphandle kokuphenduka.” “UJeremiya,” uNkulunkulu wathi, “ungakakhulelwa ngisho ezizalweni zikanyoko, ngakwazi futhi ngakungcwelisa, futhi ngakubeka umprofethi ezizweni.” UJesu Kristu wayeyi “nzalo” yowesifazane, kusukela ensimini yase-Edeni. UJohane umBhaphathizi, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili engakazalwa, uIsaya wambona, wathi, “Uyizwi lomemeza ehlane, ‘Lungisani indlela yeNkosi.’” Niyabo, iziphiwo nokubizwa akusikho ukubeka izandla phezu komunye nomunye. Kuyilokho okwenziwa nguNkulunkulu. Uzalwa, kusukela ekuzalweni, niyabo, lezoziphiwo ziphakathi kuwe ngqo uma uzalwa. Qaphelani.

127 UMose, wazalelwa ukuba ngumprofethi. Futhi lapha wayephandle ehlane, emva kweminyaka engamashumi amane ekususeni—ekususeni imfundo yakhe ayeyithole ezansi eGibhithe. Futhi nokho uNkulunkulu wabonakala kuye, futhi wakhuluma ngesibonakaliso, nangephimbo; iNsika yoMlilo, nephimbo elalingokomBhalo impela. “Futhi lasho lokhu, ‘Nginawe, Mose. Uzoba ngumlomo waMi.’” NoMose wathi, “Ngakhononda. A—angicabanganga ukuthi umlomo wami wawufanele. ‘Nga—ngangingiza kancane. Inkulumo yami—yami—yami ayiyinhle.’ NoNkulunkulu wathi kimi, ‘Ubani owenza umlomo womuntu na? Futhi, uma ungekukholwe lokho, ngiyazi uAroni angakhuluma kahle, umfowenu. Wena yiba nguNkulunkulu, futhi yena makabe ngumprofethi wakho; makenze, futhi wena khuluma iZwi. Futhi Ngiyoba semlonyeni wakho futhi khuluma iZwi.’ Manje, lokho ngukuhlela okuhle kakhulu, ngakho ngasuke ngahamba.

128 “Futhi wonke umuntu wangihleka, ngoba ngase-ke ngeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ngqo ubudala. Ngangenishebe emhlophe ilengela le ezansi *kanje*. Futhi nganginomkami ehlezi emnyuzini, noGeshomi omncane ohlangothini lwakhe, futhi ngangehlela eGibhithe. Namehlo ami ebheke ngaseZulwini, nalenduku endala egwegwile esandleni sami. Ngangehlela ukuyolidla; ukuhlasela komuntu oyedwa.” Nento yakho yayingukuthi, wakwenza. Kunjalo. Wakwenza ngenduku egwegwile, lapho ayengekwenze ngempi. Kodwa, uNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuzazulula.

129 “Ngakho ngenkathi ngiqala ukufika phambi kukababa wami ongwele uFaro, umelusi, niyazi, futhi ngenza isimangaliso uNkulunkulu angitshela sona ukuba ngisenze; isibonakaliso ngesandla sami, noma ngenduku; niyazi, umelusi uFaro, ezansi lapho, wayengafuni ukubambisana nami, okokuqala nje. Kodwa ngenkathi ngiphoqa indlela yami ngingena, ukukuthola, niyazi, wathi ukwenza uhlobo, wazama ukwenza umsebenzi weNkosi ubukeke unethunzi. Wathi wayenabalumbi lapho ababengenza into efanayo. Futhi abazifanisa nabanye abantu bokwenyama bavuka ukuba bazifanise nabanye abantu.”

130 Yilokho impela uSathane akwenza kuwo wonke umnyakazo. Ozifanisa nomunye umuntu wokwenyama; omunye umuntu ubona into ethize yenziwa, nomunye umuntu uzama ukuzifanisa nayo.

131 “Ngenkathi bona abazifanisa nabanye abantu bokwenyama bayenyuka, futhi bephendulela lezozinduku zaba yizinyoka, njengoba nje ngenza, umelusi uFaro wathi, ‘Uyabo, akulutho kodwa umlumbi, umlumbi owenziwe waba namandla kakhulu. Futhi sinento efanayo lapha, futhi ngokwesayense, kanjalonjalo. Thina, wena, wenze khona impela nje. Sinezibhedlela nezinto manje.’ Isizathu, ngiyakukholwa lokho, kodwa lokho akusikho lokho uNkulunkulu akusho. Niyabo?”

<sup>132</sup> Manje wathi, “Qaphelani,” wathi, “thina...wazama ukukwenza kubukeke kunethunzi, engxenyeni yami. Kodwa ngangiqinisekile, ngangilazi lelophimbo elakhuluma kimi laliyiZwi likaNkulunkulu elilotshiwe nelikhulunyiwe lalenkathi. Ngakho nje ngabambelela angangatatazela, futhi nje Wabashudula bonke basuka kimi. Ekugcineni Wasiyisa entabeni lapho Angitshela khona. Emva kweside, isikhathi eside; hhayi ngalolosuku, kodwa isikhathi eside kamuva, ekugcineni sifika entabeni lapho Athi, ‘okwesibonakaliso’ ngiyo ‘buyela kulentaba.’ Ngabambelela angangatatazela.”

<sup>133</sup> Asidumele omunye ufakazi, ngokukhulu ukushesha, ngaphambi kokuba sihambe. Asidonse uJoshuwa enyukele lapha.

<sup>134</sup> UJoshuwa wathi, “UMose wakhipha ngamunye kuzozonke izizwe, lonke ihlelo, futhi wasithuma ngaleya ukuyohlola izwe. Futhi ngenkathi sifika lapho emfuleni, futhi sabuka ngaphesheya lapho futhi sabona lawo ma-Amaleki, namaAmori, amaPherizi, nokunye, wathi, babeyiziqhwanga.” Wathi, “Abantu badazuluka, ngenxa yokwesaba, ‘Awu, ngeke sakwenza lokho! Uma sike zase saxhasa umhlangano onjengalowo, inhlangano yethu izosixhosha. Angeke nje sikwenze. Angeke si—sibe nezinto ezinjalo. Kunethunzi kakhulu, niyabo. Angeke nje. Ngani, akunakwenzeka.’ Futhi ngenkathi bebuya, nokho babenobufakazi obubonakalayo, babuya namagreypsi kulelozwe.”

<sup>135</sup> Futhi, inkathazo yakho ngukuthi, umuntu angaba kanjani, noma ibandla, noma ihlelo, elike lanambitha ubufakazi obubonakalayo ukuthi Uyaphila, futhi-ke liMphike uma Evukile phakathi kwethu na? Ningakwenza kanjani, Phentekoste na? Nihulumile ngezilimi futhi nihumusha izilimi, njengoba nizisho, futhi-ke ningasala kanjani sonke isithembiso seZwi salonyaka na? Nithathe ingxenye yaLo, futhi nithi, “YiZwe elihle. Sasingenalwazi!” KwakuyiZwe elihle. Kufakaziwe ukuthi yiZwe elihle, kodwa lesosixha samagreypsi esisodwa sasingesikho konke olwaLo. Lonke iPalestina laligcwele wona! Sikholelwa ekukhulumeni ngezilimi, nazozonke lezi ezinye izimangaliso nezinto, nokukhulekela abagulayo.

<sup>136</sup> Bese kuthi-ke uma isithembiso sikhuphukela lapha, kwenye into, “Njengoba kwakunjalo emihleni yaseSodoma.” UMalaki 4 wathi, “Ngaphambi nje kwesikhathi esikhulu lapho izwe labeZizwe liyosha lingqongqe njengoba nje iSodoma lashiswa, bese kuthi-ke abalungileyo bayophuma bahambe phezu kwababi, ngiyakuthuma kini uElija egcotshwe ngoMoya, futhi uyophendulela izinhliziyi zabantwana zibuyele ekuKholweni kobaba.” “Buyani,” njalo, ngasinye sezikhathi uyafika, kwakuyilokho-ke.

137 Futhi kungani ungakungabaza lokho, uma Eletha uKristu, isithembiso, abaprofethi, iZwi, noyoyonke into, futhi ngokuphelele kuyakukhomba; bese kuthi-ke babuyela emuva futhi bathi, “Qhabo, ningabambisani nalowomhlangano. Uma nikwenza, ngizoninika amaphepha enu?”

138 Bekuyoba yingxenye yami, babengabanazo izikhumba zabo zezimbuzi! Igama lami lilotshiwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu, futhi lonke ikholwa. Ngakho bayabuya, futhi uJoshuwa wathi, “Lapho bonke beza . . .” Bengingahlala lapho isikhathi eside, kodwa ngineqiniso niyazi ukuthi ngikhuluma ngani.

139 Ngakho uJoshuwa wathi, “Ngabathulisa abantu. Ngathi, ‘Anginandaba ukuthi babonakala bebakhulu kangakanani, ukuthi bamelene kangakanani, ukuthi kubonakala kungubuhlanya kangakanani! Khumbulani, uNkulunkulu wathi, ngenkathi siseGibhithe, ‘Ngininike lelizwe. Ngininika lona.’”

140 Manje akangeni nje lapho, akushanele futhi anameke izindonga, futhi akutshela ukuthi ngena futhi akutholele isihlalo iMorris futhi uhlale phansi, uthi, “Sizoba namantombazane ukuba akulungisele umbhede.” Akakwenzi ngaleyondlela. Ufanele . . . UJoshuwa watshelewa nguNkulunkulu, “Noma kuphi lapho amathe ezinyawo zenu enyathela khona, lelo ngininike lona.” Amanyathelo ayechaza ifa. Futhi sonke isithembiso eNcwadini esamakholwa, kodwa ufanele wenze amanyathelo ezinyawo ngaYo. Ufanele ulwe lonke i-intshi lendlela. Awunakulwa kuwe, khona-ke suka emdlalweni.

141 Ngangena lapha, kungekudala, ngikholwa ukuthi kwakukulesisifundazwe. EGorgia Tech, noma ndawondawo enhla lapho, ngangine . . . Angazi—ngazi manje, lokho kungahle ukuthi kwakuseMpumalanga. Ngaya enkundleni yebhola lezinyawo, ngibone encane—isayini encane njalo eyathi ukungifaka ugqozi. Kwakunesayini phezu komnyango, ngenkathi ngiphuma ezindlini zokugqokela. Phakathi lapho yayinesayini, ethi, “Akusibo ubungako benja ekulweni, ubungako bokulwa obusenjeni.” Futhi kunjalo.

142 Akusikho ukuthi—ukuthi bangakanani o D.D.D., Ph.D., LL.D., onabo. Kungukuthi kungakanani okukaKristu okukuwe. Kuya ngokuthi kungakanani ukukholwa okulapho, hhayi ukuthi ungakuchaza kanganani *lokhu* futhi uchaze *lokho*, futhi uchaze ngaLendlela. Kungukuthi kungakanani ukukholwa onakho kuNkulunkulu, ukukholwa ukuthi Ukhuluma iQiniso. Awu, lokhu kukuwe. Kuyangokuthi uhlobo luni. Uma uyiNzalo ka-Abrahama, wenza njengoba kwenza uAbrahama, “Ubize izinto, ezazingekho, ngokungathi zazikhona.”

143 Manje uJoshuwa wathi, “Ngabathulisa abantu, ngokubatshele ukuthi, “Thulani du! UNkulunkulu washo

njalo!” “UNkulunkulu wakusho, lokho yiqiniso. Kodwa, niyazi, babenezinsuku ezimbili kuphela ukusuka lapho. Leyo yiKadeshi-Barineya. Babenezinsuku ezimbili kuphela, babeyobe sebesezweni elithenjisiwe.”

<sup>144</sup> Kodwa uJoshuwa wathi, “Kwaba yiminyaka engamashumi amane ngaphambi kokuba sithathe izwe. Akashongo ukuthi sasizolithatha nini izwe. Kodwa Wathi Wadedela lesosizukulwane esidala sibuthuke, labo abangakholwa, wayesevusa esinye isizukulwane esakholwa. Akashongo ukuthi babezolithatha nini izwe. Kodwa Wathi babeyolithatha izwe, futhi salithatha!” Ngicabanga ukuthi ungufakazi omuhle. Ancabangi kanjalo nina na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela ngiyacabanga. “Salithatha izwe, emva kweminyaka eminingi kangaka.”

<sup>145</sup> Manje isikhathi siyabaleka. Manje ake ngibe nomunye nje futhi ufakazi. Singaba naye na? Nginedazini elilotshwe phansi lapha. Besingabiza ikhulu, noma amabili, kodwa ake ngibize nje omunye. Futhi uma nizongixolela, ngingaba yilowofakazi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngithanda ukuMthathela ibhokisi. Lezozinsuku zisemuva lapho; lokhu kulapha manje. Ngiyazi lokho kwakuyoba ubufakazi babo, kodwa ake ngithathe ibhokisi lofakazi kanye. O, he!

<sup>146</sup> Ngiyakhumbula ezansi lapho, ngisengumfanyana. Niwufundile umlando wempilo yami, futhi niyayazi indaba. Ngiyakhumbula, emfuleni ezansi lapho, ngisengumshumayeli wamaBaptisti osemcane, futhi ngangibhaphathiza lapho. Cishe abantu abayizinkulungwane eziyishumi bemi ogwini, ngenkathi ngenye intambama... Imvuselelo yami enkulu yokuqala, abathi ababe lapha enkulungwaneni abaphendukile, futhi ngangibhaphathiza phandle lapho emanzini. Umuntu weshumi nesikhombisa, ngangimholela ephumela emanzini. Futhi ngezwa umsindo, ngase ngiqalaza. Kwakushisa. KwakungoJuni, ngo 1933, onyaweni loMgwaqo uSpring eJeffersonville, eIndiana. Ngangibaholela phandle lapho. Nezingu, konke phansi phezulu, lwaluminyene nje abantu.

<sup>147</sup> Ngaphuma nalomfanyana. Ngangimbonile ealtare. Ngathi, “Ndodana, umemukele uJesu Kristu ukuba abe nguMsindisi wakho oqondene nawe na?”

Wathi, “Ngimamukele.”

<sup>148</sup> Igama lakhe kwakunguEdward Colvin. Ngase ngithi, “Edward, uyazi ukuthi ngenzani manje na?”

Wathi, “Ngiyazi, Mfowethu Branham.”

<sup>149</sup> Ngathi, “Ngiyakubhaphathiza, ngikhombisa kulezizethameli khona lapha, ukuthi usumamukele uKristu njengoMsindisi wakho oqondene nawe. Uma ngikubhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, uthatha iGama laKhe. Uvukela

ukuphila okusha. Futhi uma ususuka lapha, uzofanele uhambe ngokuphila okusha. Uyakuqonda lokho, Edward na?"

Wathi, "Ngiyakuqonda."

Ngathi, "Khothamisa ikhanda lakho."

<sup>150</sup> Ngathi, "Baba waseZulwini, njengoba lensizwa isikuvumile ukukholwa kwayo kuWe. Futhi njengoba Wena wasiyala ukuba 'hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli, nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele,' ubayala ukuba bakholwe zonke izinto Ozifundisile."

<sup>151</sup> "Sengiyakubhaphathiza-ke, mfowethu othandekayo, eGameni leNkosi uJesu Kristu."

<sup>152</sup> Futhi lapho ngimlalisa emanzini, ngiyakhuphuka, ngezwa into ethize ihamba, "Whuuush!" Ngabuka isixuku, futhi si... Ngezwa iPhimbo lithi, "Buka phezulu!"

<sup>153</sup> Ngacabanga, "Yini leyo na?" UBilly lapha, unina, emibili noma emithathu iminyaka ngaphambi kokuba sishade, wayemi lapho. Ngabona ubuso bakhe, bumhlophe. Wayenekhamera esandleni sakhe.

<sup>154</sup> "Buka phezulu!" Ngalizwa okwesibili. Ngangesaba. Ngaqalaza, abantu bemi lapho bebuka nje, beshaqekile nje. Ngalizwa lisho futhi, "Buka phezulu!"

<sup>155</sup> Futhi ngenkathi ngibuka, nakhu kufika leyoNsika yoMlilo efanayo eyahola uSrayeli ehlane. Izinkulungwane zamehlo ziYibuka yehlela ngqo lapho engangimi khona. Yase ithi, "Njengoba uJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela ukufika kokuqala kukaKristu, uMlayezo wakho uzosibekela umhlaba futhi wandulele ukuFika kwesiBili kukaKristu."

<sup>156</sup> Lokho kwangena ephephandabeni, kwezamaPhephandaba Ahlangene. UDokotela Lee Vayle, lapha kulentambama, walichosha, lathi ngqu eCanada nangakhona, "Umshumayeli wendawo oyiBaptisti, esabhaphathiza, ukuKhanya okuyimfihlakalo kubonakala phezu kwakhe."

<sup>157</sup> Khona ngaleya eDallas, eTexas, noma eHouston, eTexas, eminyakeni embalwa edlule. Ngenkathi abantu beKungabaza, futhi kwakunzima ukuba ngazi ukuthi ngenzenjani. Ngenkathi umshumayeli okahle oyiBaptisti wayefuna ukuba nenkulumo-mpikiswano noMfowethu Bosworth, "Yayingekho into okuthiwa ukuphilisa ngokukaNkulunkulu." Futhi ngenkathi ehlulwa inkulumo-mpikiswano, ngekhulu lamapesente, wathi, "Ake ngimbone lomphilisi ngokukaNkulunkulu evela futhi enza!" Ngathi...

<sup>158</sup> Ngiyehla. Ngangikuvulande osesitezi. Ngathi, "Angisuye umphilisi ngokukaNkulunkulu, mnumzane."

<sup>159</sup> Ngathi, "Ubungefune ukubizwa ngo 'Msindisi ngokukaNkulunkulu.'" Ngathi, "UMnu. Bosworth unibuze

lombuzo: ‘Ngabe amagama okuhlenga kaJehova asebenza kuJesu, yebo noma qha?’” Futhi ungeke umphendule. Umbuzo owodwa nje, kwakuyilokho kuphela. Uma EnguJehova-Jira, Ufanele abe nguye; uma Engesuye, Akasuye uMsindisi. Futhi ungeke wehlukhanisa amagama. UnguJehova-Rafa, umphilisi! ‘Nguyena izolo, namuhla, naphakade!’”

<sup>160</sup> Leyondoda yayingenakunyakaza, kodwa ima lapho futhi inkwankwaza. Nabaningi benu ubelapho, ngiqagele, ukukuzwa. Ngakho inkulumo-mpikiswano yanikwa uMnu. Bosworth. Futhi ayizange ithole ngisho elilodwa iphuzu, futhi ngenkathi i... Lokho kwakungezikhulu zedolobha, ongenalo isasasa emacaleni omabili, ukwazi nje ukuthi umBhalo wathini.

Yayisilokhu nje ithi, “Makavele.”

<sup>161</sup> Babengangazi ukuthi ngangiphezulu lapho. Futhi ngangihlezi phezulu lapho nomkami noBecky omncane. Ungothola iziqu kulonyaka esikoleni esiphakeme. Futhi ngangihlezi lapho, wayenonyaka nje ubudala. Ngangimphethe ngezingalo zami.

<sup>162</sup> Wayesethi, Mfowethu Bosworth wathi, “Ngiyazi uMfowethu Branham usemhlanganweni. Uma efuna ukuza awukhulule, kulungile.” Kodwa wathi ngi...Futhi wonke umuntu uqala ukuqalaza.

<sup>163</sup> Futhi nakhu kumi cishe amakhulu angaka abantu, izinkulungwane, cishe abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu. Sasikade sinamakhulu ayisishiyagalombili, sonke isikhathi, ngale endlini ukhulu. Futhi, lokhu, abantu bayangena ngamabhanoyi, ngezitimela, nazozonke...

<sup>164</sup> Futhi yilapho engazi khona; onke amaqembu amaPentecostal ahlangu ndawonye-ke. Kuzothatha ukuhlushwa, ukuhlanganisa nina bantu ndawonye. Anisoze nakukholwa, kodwa uma sekufika lesosikhathi...

<sup>165</sup> Niyabo, into eyodwa bayikholwa ngokuhlanganyela, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, ngakho iOneness, iTwones, iThreeness, iFourness, nanoma yini okwakuyikho, bonke bahlangana ndawonye. Futhi babelapho.

<sup>166</sup> Nalendoda yathi, “Akukho-muntu okholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu kodwa isigejane sabagqinqiki abangcwele.”

<sup>167</sup> URaymond Richey wasukuma, wathi, “Ningabanaka kanjani abagqinqiki abangcwele na?” Wathi, “Ningabanaka kanjani abantu abahlanyayo na?”

Wathi, “IBaptisti.”

<sup>168</sup> Wathi, “Kulungile. Bangaki kulendlu manje abangakhombisa ngesitifiketi sikadokotela ukuthi uJesu Kristu uniphilile ngenkathi uMfowethu uBranham elapha na?”



Namakhulu amathathu asukuma. Wathi, “Nithini ngalokho na?” Niyabo? Ngakho nje walwa ngokuthukuthela.

<sup>169</sup> Ngacabanga ukuthi ngizokwehla. Ngezwa uMoya oNgcwele ethi, “Yehla.” Ngabuka, futhi nakhu kwakukhona lokhu kuKhanya kulengela ngqo phezu kwalapho engangikhona. Ngehlela lapho.

<sup>170</sup> Ngathi, “Uma isiphiwo sinokubuzeka, lokho ngukwehluka. Kodwa angisuye umphilisi. UNkulunkulu ungumphilisi.” Ngase ngithi, “Uma ngifakazela uNkulunkulu, uNkulunkulu ubophezelekile ungifakazela.”

<sup>171</sup> Manje, iDouglas Studio, nekhamera enkulu ihlezi lapho. Bathi, lomfundisi wathi, “Thathani izithombe ezicwebezelayo zaleyondoda endala; ngizoyihlinza futhi ngiyihlubule isikhumba, bese ngibethela isikhumba sayo emnyango wami wokutadishela, ube yisikhumbuzo ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu.” Ungathini nje umKristu esho lokho ngomunye na? Niyabo, waziwa ngesithelo sakho. Ngakho, wayesethatha izithombe ezicwebezelayo eziyisithupha. Wayesebeka inqindi yakhe phansi kwekhala likaMfowethu Bosworth, bengakayiqali inkulumo-mpikiswano, wathi, “Sithathe *kanje*,” wayesesithatha. UMfowethu Bosworth wavele wama lapho nje.

<sup>172</sup> Futhi niyazi ukuthini? Ngenkathi esesithatha leso esibuyisela studio emuva lapho, ukuba asihlole, kwakungekho namunye wabo. Bonke ngokuphelele bavinjelwa ngqi. UNkulunkulu wayengeke avume ukuba lowomphikinkolo ukuba abeke umunwe wakhe phansi kwekhala lendoda emesabayo uNkulunkulu, kanjalo, owayethathe izithombe.

<sup>173</sup> Futhi ngisami lapho, ngathi, “Uma kusekubuzweni ngesiphiwo sikaNkulunkulu, ngokubona okufihlakeleyo, lowo ngumBhalo othenjisiwe. Lokho kungafakaziswa. Lokho kungafakaziswa.” Kodwa ngathi, “Mayelana nami ngingumphilisi, qhabo, mnumzane, angisuye umphilisi, mnumzane.”

<sup>174</sup> Wathi, “Njengendoda, ngiyakuhlonipha. Njengomfundisi, a—angicabangi kakhulu ngawe.”

<sup>175</sup> Ngathi, “Ngizozibuyisela izincomo,” futhi ngakho nje waqhubeka kanjalo.

<sup>176</sup> Ngakho wathi, “Ngithanda ukubona wenza. Ngithanda ukukubona uthwebula omunye umuntu, futhi ngibabone unyaka kusukela namhlanje.” Waqala ukujika.

<sup>177</sup> Ngathi, “Uma ngikhulumela uNkulunkulu, uNkulunkulu ubophezelekile ukungikhulumela.” Ngingakaqedi nje ukusho lokho, futhi nakhu kufika lokho kuvunguza futhi. Kwehlela ngqo ezethamelini lapho okwaKukhona, nakho kwehla leyoNsika

yoMlilo. Naleyokhamera enkulu yasestudio, manje, yasithatha isithombe.

<sup>178</sup> UGeorge J. Lacy, inhloko yezobunhloli ye FBI yencwadi yemilobo yeminwe, yasithatha phakathi nobusuku ngalobobusuku. Ngenkathi besibeka, kwakuYikho kuphela okwakunesithombe. Futhi ni . . .

<sup>179</sup> Bangaki onaso emashalofini enu manje ekhaya lenu na? Niyabo? Silenga eWashington, DC, ehholo—hholo yezobungcweti bezenkolo, “UBukhona obungaphezu kwemvelo kuphela obake bathathwa isithombe kuwowonke umlando wezwe.”

<sup>180</sup> Kuyini na? Kubhekisiseni! Kubukeni kuleliviki. Bukani ukuthi Kwenzeni. “Izolo, namuhla, naphakade, ofanayo!” Manje, ukuba benginezilimi eziyizinkulungwane eziyishumi, bengingeke ngiqede ukuMkhulumela. Yebo, mnumzane.

<sup>181</sup> Umelusi wami wathi kimi, emuva lapho, wathi, “Mfana, wabanephupho!” Akunandaba ukuthi waye . . .

<sup>182</sup> Ngiyakhumbula ngenkathi kuqala ngiqala ukuphuma, futhi ngahlangana nani bantu lapha kulamazwe. Wangitshela, wathi, “Isiphiwo sokuqala siyoba ngukuthi wena,” iPhimbo emva kwalokhu, “kuyoba nguwe ubeka izandla phezu kwabagulayo, futhi, ungasho lutho, Kuyosho ukuthi kuyini.” Bangaki okukhumbulayo lokho na? [Ibandla lithi, “Yebo.”—Umhl.] Ngase ngithi . . . “Khona-ke kuyofezeka,” Washo kimi ngalobobusuku ngenkathi Ehlangu nama esiGayweni sakwaGreen, futhi U . . . NgaMbuza ngakho, Wayesethi, “Yileyondlela okwakungayo ezinsukwini zase kuqaleni.” Wathi, “INkosi yethu, ba—bakwenza ngendlela efanayo. Naleli yilona hora ukuthi lokhu kufanele kugwaliseke.”

<sup>183</sup> Ngiyazi kunenqwaba yobuhlanya ezweni. Anginaso isibopho sezimfakazo zabanye abantu. Ngizofanele ngiphendule kuphela ngobami. Ngisebhokisini lofakazi, ekuvikeleni uNkulunkulu neZwi laKhe, engaziyo ukuthi Liqinisile. Futhi iZwi laKhe, ngenkathi ngiMuzwa engitshela lokho, ngangingeke ngikukholwe ukuba Wayengangikhombisanga eBhayibhelini ukuthi kuthenjiselwe lolusuku.

<sup>184</sup> Bangaki okhumbulayo nganitshela ukuthi kuyofezeka, Washo, ukuthi, “Uyokwazi izimfihlo impela zenzliziyo yabo?” Phakamisa isandla senu. Niyabo? Futhi kwakwenza na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Sekuyiminyaka engamashumi amathathu-nantathu kamuva. Akwenzekanga ngaleyonkathi. Kufika kukho, njengembewu ikhula. Kuyenyuka, njengeZwi laKhe. Futhi, namhlanje, ngingufakazi ukuthi Uyaphila. Ngingufakazi ukuthi Uyaphilisa.

<sup>185</sup> Lalelani. Asisenaso isikhathi esiningi esisele; okomugqa nje womkhuleko.

186 Khumbulani, ngizolivala icala, futhi nje ngilishiye kanje. Uma... Ningakholwa noma yibaphi ofakazi enifuna ukubakholwa, kodwa, khumbulani, umqondo wenu ungabasizi benu bejaji. Kulolonke icala kufanele kube nabasizi bejaji. Futhi-ke indlela owenza ngayo, kusukela lapha, kuyomphumisela isinqumo senu sabasizi bejaji.

187 Manje sizokwenza nje lokho iBhayibheli elakusho, “Nibeke izandla phezu kwabagulayo, futhi bayosinda.” Lokho ngukuthi, amakholwa. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Manje uma nikukholwa, siyakukholwa; amakhulu lapha abangama, macala onke phezu kwesizwe.

188 UFlorence Nightingale, indodakazi engumzukulwane kaFlorence Nightingale ongasekho eLandani, eNgilandi. Elele, nisibonile isithombe sakhe lapho, kungekho lutho kodwa isithunzi. Umdlavuzwa usumudle wamqeda. Niyasibona isithombe sakhe ekhasini elilandelayo na?

189 Bukani uCongressman Upshaw, esesihlalweni esinamasondo, iminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha. Wama lapho eCalifornia ngalobobusuku. Futhi ngingena, ngaya emsamo, ngangimi lapho. Futhi baqala umugqa womkhuleko.

190 Ngathi, “Ngibona i-i-i-inenekazi eliyikhaladi lapha phambi kwami, futhi linengane endadlana. Kunodokotela omileyo, o—ohlizwe leyongane futhi wayikhubaza. Udokotela wayezacile. Wayefake izibuko zegobolondo lofudu. Futhi kwayikhubaza ingane.”

191 Phansi le ngaphandle lapho, uhlobo lo anti omdala uJemima esinda cishe amaphawondi angamakhulu amabili namashumi amahlanu, nangu efika, eshaya abangenisi ngandlelana, edonsa lolohlaka ingane yakhe eyayikulo. Wathi, “Nkosi, hawukela, leyo kwakuyingane yami.”

192 Nomngenisi wathi, “Ungeke wangena emgqeni, awunalo ikhadi lomkhuleko, nenekazi.” Awu, ngathi, “Nenenkazi. . .”

193 Wathi, “Mina ngiyenyuka ngiyalapho.” Futhi babengenakumbamba. Wayemkhulu kakhulu kubo, ngakho wayefuqa ngqo edabula umugqa. Waqhubeka wenyuka.

194 Futhi ngenkathi efika lapho, cishe impela lapho, ngathi, “Umzuzu nje, nenekazi. Uma iNkosi uNkulunkulu ikwazile ukwazi ukuthi ubukhona lapho. . .” Ngathi, “Yileyongane, kulungile.” Ngathi, “Ngeke ngakutshela lutho ngayo.” Ngathi, “Into kuphela engiyaziyo ngukuba nje ngikhulekele ingane, futhi ngizokwenza lokho ngikhona lapha.” Ngathi, “Kodwa into kuphela engingayisho yileyo engiyibonile.”

195 Wathi, “Lokho kwakucishe kube seminyakeni emibili edlule, mnumzane.” Wayesethi, “Ingane yami, ngenkathi besusa amathansela, kwayikhubaza ingane.” Wayesethi, “Selokhu yakhubazeka njalo.”

<sup>196</sup> Ngathi, “Awu, uma ukukholwa kwakho bekungaMthinta, ukwehlisa lokho, awuhlali ngani lapho nje futhi ukhuleke na?”

<sup>197</sup> Ngajika. Ngathi, “Njengoba bengisho, emlayezweni wami. . .” Ngase ngibuka, ngase ngibona kwehla ngomgwaqo, owawubukeka ufana nendlela enqamula phakathi kwezakhiwo, encane, intombazane eyikhaladi, yona leyo, inonodoli engalweni yayo, iwuthunduzela lapho ihamba.

<sup>198</sup> Ngathi, “Anti, uNkulunkulu usewuzwile umkhuleko wakho. Ingane isiphilisiwe.” Yasho yasukuma ingane. Futhi ngadingeka ngiyithulise, inokufana nabantu ababuthelwe impi, futhi bethatha leyongane yehlela esixukwini kanjalo.

<sup>199</sup> Imizuzu embalwa nje, ngathi, “Ngibona indoda endala. Iphezu kwesitaki sefolishi olomile, manje ingumfana osemncane, yawa futhi yalimala iqolo layo.” Ngathi, “Badingeka babhole izimbobo kwiphansi lendlu ukuvimbela umbhede wayo owuhlaka ekungqangqazeleni okusuka kwiphansi lendlu.” Isigejane samakholwa, wonke umuntu enhliziyonye futhi ekuzwana kunye, ehlezi, amakhulu aphindwe kamakhulu. Ngase ngithi, “Iba yindoda enkulu, isikhulumi solunye uhlobo oluthize.” Kwase kungishiya. Ngase ngiqhubeka, ngaqala ukuqhubeka.

<sup>200</sup> Kwathi nje ngaleyonkathi, uDokotela Ern Baxter wathola, emuva le esihlalweni esinamasondo, iqembu emuva le ngemuva. Wathi, “Lowo kwakunguCongressman Upshaw. Sewake wezwa ngaye na?”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane.”

Wathi, “Emuva eminyakeni eyedlula, wangenela ukuba nguMongameli.”

Ngathi, “Angimazi, mnumzane,” ngasho.

Wathi, wathi, “Uma ngizomletha, ukukhombisa?”

Ngase ngithi, “Ungubani na?”

Wathi, “Ehlezi khona lapho.”

<sup>201</sup> Futhi ngakho bamenyusa ngesihlalo esinamasondo, umkakhe wamenyusa. Wathi, “Nsizwa, uze wangazi kanjani na?” Wathi, “UDokotela Roy E. Davis, lowo owakugcoba ebandleni iMissionary Baptisti, futhi—futhi wayeyi—yisikhulumi esiyinhloko yeNgqungquthela yeBaptisti yaseNingizimu,” wathi, “kube nguye ongithumela lapha ukuba wena ukhuleke.” Wathi, “Bengikhulekelwe, kusukela ngisengumfanyana, kodwa njalo ngangikholwa ukuthi uNkulunkulu uyongiphilisa ngoba ngathatha isinqumo sokuma esifanele ngesikhathi sokunqatshelwa. Mina, ngenkathi kwakuzongeniswa uphuzo, ngabizwa ngomunye wamathambo omile.” Wathi, “Ngalahlekelwa ukuba ngumongameli weUnited States ngenxa yesinqumo sami sokuma.”

202 Ngathi, “Leyo yinto yobuqhawe, mnumzane.” Ngathi, “INKosi mayikubusise.”

203 Ngathi, “Kulungile, letha isiguli sokuqala sakho lapha, umuntu wokuqala ozokwenyuka.” Ngenkathi kwenza, into ethize yenzeka enenekazini, futhi Kwalitshela ngakho.

204 Ngase ngiphenduka, ukuba ngibuke futhi. Ngase ngibona lowoCongressman omdala egqoke isudu enemishwe yophini, uthayi obomvu, ehla, ezikhothamisa *kanje*, kubantu, ehamba nje ngqo enqamula kubantu.

205 Ngathi, “Congressman, uJesu Kristu ukuhloniphile. Usuneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nesithupha ubudala manje, kodwa uNkulunkulu ukuhloniphile. Kwakubukeka sengathi, ngenkathi Ayezokuphilisa, Wayezokuphilisa usengumfana. Namathambo akho lonke livandlezekile phakathi lapho, noma onke. . . Uyazi, liyapeteka, kanjalonjalo.” Ngathi, “Kubukeka sengathi Wayezokuphilisa ngaleyonkathi, kodwa Usekuphilisile manje.”

Wathi, “Usho ukuthi sengiphilisiwe manje na?”

206 Ngathi, “ISHO KANJE INKOSI.” Ngathi, “Unayo isudu enemishwe yophini na?” Wa—wayefake isudu emnyama ngokuphaphathekile, nothayi obomvu. Ngathi, “Unesudu enemishwe yophini na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane, ngathenga eyodwa nje ngolunye usuku.”

Ngathi, “Sukuma. UJesu Kristu uyakusindisa.”

207 Futhi bangaki obaziyo, ubufakazi bakhe na? Wama emhlanganweni kaBilly Graham, esitebhisini zeHlala Mongameli, futhi wacula elithi *Ngencike Engalweni EngunaPhakade*. Akaphindange ahambe aye ezindukwini zokuqhugela noma ezihlalweni ezinamasondo, inqoba nje uma wayesaphila.

208 UJack Moore nami wayesezansi lapho eMexico eNdala, ngalobobusuku lapho engadingeka ngehliwse khona ngdonga. Owesifazane omncane lapho, omncane, iKatolika laseMexico. Ubusuku ngaphambi kwalokho, ngabeka izandla phezu kwempumpu the endala, yathola ukubona kwayo. Nalona wesifazane omncane, bathi. . . UBilly uza kimi, wathi, “Babayi, . . .” Ngangibiza indoda ngokuthi, “UManana.” Ukuthi *Manana* kuchaza ukuthi “kusasa,” wayeyisinokwe kakhulu. Wayenikeza amakhadi omkhuleko; noBilly wahamba nayo, ukuba abone ukuthi wayengalithengisi yini.

209 Ngakho wathi unikeza wonke amakhadi omkhuleko. Wayesethi, “Omunye wesifazane unengane efe kulokhu ukusa.”

210 Kwakucishe kube eleshumi ngqo ebusuku. Phandle, kuleyonkundla yenkunzi lapho, ne—nemvula nje liyithulula phansi, olunye uhlobo oluthi alube yinkundla enkulu evulekile.

Wayesethi. . . Bangingenisa, futhi bangehlisa ngezitebhisi zesinye isikhwelo. UMfowethu Jack Moore nabo ulapha manje. Wayesemsamo.

<sup>211</sup> Wathi, “Nginabangenisi abangamakhulu amathathu bemi lapho, futhi abakwazi ukubamba lowo wesifazane.” Wathi, “Uyogibela phezu kwamahlombe abo, agijime phakathi kwemilenze yabo. Ngase ngimtshela ukuthi angeke anyukela lapha, ngoba wayengenalo ikhadi lomkhuleko. Futhi asisenawo amanye amakhadi omkhuleko.” Wayengenandaba nalokho. Wayefuna izandla zibekwe phezu kwaleyongane.

<sup>212</sup> Wabona indoda eyiKatolika, eyayikade iyimpumpu the iminyaka engamashumi amabili noma amashumi amathathu, ithola ukubona kwayo ngokukhulekelwa. U. . . nomgibe wezingubo ezindala. Nicabanga ukuthi lokhu kuyinto ethize na? O, kuphindwe kathathu okwalomsamo, zitakwe zaphakama *kangako*, kuze kuyofika lapho okuphela khona amehlo akho, namatshali amadala nezigqoko. Ukuthi bake bazi kanjani ukuthi kwakungokukabani, angazi. Kodwa, bakholwa; kalula, ukukholwa komntwana.

<sup>213</sup> Ngakho ngathi, “Awu,” ngasho kuMfowethu Jack. Yena nami izinwele zethu zifana, niyazi, ngakho nga—ngathi, “Mfowethu Jack, angeke awazi umehluko phakathi kwakho nami. Yehlala lapho bese ukhulekela ingane.”

<sup>214</sup> Wayesethi, “Kulungile, Mfowethu Branham.” Waqala ukwehla. Manje, uJack uhlezi khona lapho. Ngakho sisi. . . Waqala.

<sup>215</sup> Ngaqala ukushumayela, *kanje*. Ngase ngibuka, ngase ngibona encane, ingane engumMexico, ingane encane enobuso obumnyama imi lapha phambi kwami, imamatheka nje, izisinyana zayo. Yayingenamazinyo. Ngathi, “Awume kancane. Awuma kancane. Ilethe lapha ingane.”

Ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, angazi.”

<sup>216</sup> Wenyuka egijima, futhi enesiphambano sesifanekiso sikaKristu esandleni sakhe, empompoloza, “Padre,” kusho ukuthi “fata.”

Ngathi, “Sukuma manje.”

<sup>217</sup> Wayenomncane, ublankethe obukeka ul’hlaza s’bhakabhaka; nengane encane, igongobele, ifile, ilele phezu kwawo; nje emanzi te, izinwele zakhe zehle zonke. Inenekazi elihle elincane, mhlawumpe ingane yalo yokuqala; lilapha emashumini amabili ubudala, niyazi, futhi nje laliyibambe ibheke phansi *kanje*. Ngase ngi—ngithi, “Ngizoyikhulekela ingane.” Ngabeka izandla zami. Abawuhumushi umkhuleko.

<sup>218</sup> Ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, kuphela ngibone umbono. Angazi.” Futhi cishe ngalesosikhathi, yasho yakhahlela, futhi iqala ukudazuluka nokukhala kanjalo.

219 Ngathi, “Mfowethu Espinoza,” ku—usihlalo womhlangano, ngathi, “ungabuthathi nje ubufakazi balowo wesifazane. Thumela ubufakazi kulokho, kudokotela.”

220 Udokotela wabusayina ubufakazi obubonakala kwi*Voice Of Healing* yamadoda. “Ingane ibulawe yinyumoniya ephindwe kabili, ngalokho kusa ngelesishiyagalolunye nqo, eofisi lakhe, washo ukuthi ifile, ingasaphefumuli; kade ilele emvuleni usuku lonke, ifile, futhi yaphiliswa.” Iyaphila namhlanje, ngokwazi kwami, iphilela uMbuso kaNkulunkulu.

221 Nginezinto eziningi, eziphuma eAfrika, lapho engibone khona abahedeni uqobo abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu benikela impilo yabo kuJesu Kristu.

222 UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. Nguyena izolo, namuhla, naphakade, njengofakazi waKhe.

223 Uyikho, umqondo wenu ungabasizi bejaji. Nesenzo senu yijaji lenu.

Manje khothamisani amakhanda enu umzuzwana nje.

224 Nkosi Jesu, icala alikaqalwa; baningi kangakanani abanye ebesingababizela phezulu lapha emsamo! Wena wathi, “Uma—uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda.” Wena wathi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.” Owesifazane wathinta ingubo yaKho, Wena waphenduka wase umtshela okwakwenzekile. Futhi Ugcina onke amaZwi aKho. Alikho elawo eliyiphutha. Iphutha likongakholwa, Nkosi. UMnu. Ang’kholwa, nguye owonakalisa umuntu; uMnu. Mngikazi; nalowo ongabekezeli ongenakulindela eNkosini, futhi nokho uzibiza ngeNzalo ka-Abrahama. O Moya oNgcwele, ufakazi ovikelayo, Wena uyazi ukuthi ubani onokukholwa nokuthi ubani ongenakho.

225 Kodwa, Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzohlehlisa konke ukungakholwa, ngalentambama. Futhi kwangathi iJaji elikhulu lomhlaba wonke lingeza ngaphambili manje, Lo Owaloba iZwi. UyiZwi. Kwangathi Angeza ngaphambili.

226 Futhi njengoba lababantu bedlula lapha, ukuba baphilise kulentambama, kwangathi ngamunye wabo bangacabangisisa manje. Basekuthethweni kwecala. Ngilibeka ngqo emathangeni abo, Nkosi. Umqondo wabo ungabasizi babo bejaji. Nendlela abenza ngayo kusukela lapha kuqhubeke, uma bedlula kulomugqa, izofakazisa ukuthi bacabangani ngeZwi likaNkulunkulu.

227 Ngakho siphe, Nkosi, ukuthi lomlayezo wokugcina Owawushumayela kubafundi baKho ngenkathi Ubathuma, amaZwi okugcina awa ezindebeni zaKho ezingcwele, “Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda.” Lokho kungukuthi, amakholwa. Izinto zokugcina Owazisho. Ukuthunywa kokuqala Owake wakuthuma umuntu ukuba

akwenze, uMathewu 10, kwakungukuthi, “Niphilise abagulayo, nikiphe amademoni; nimukele ngesihle, yiphani ngesihle.” Ukuthunywa kokugcina, “Hambani niye ezweni lonke, nikiphe amademoni; nibeke izandla phezu kwabagulayo, bayosinda.”

<sup>228</sup> Nkosi, kwangathi abantu bangaqonda ukuthi lokho kukholwa kubambelela okwehange njengoba kwenza kubo bonke ofakazi. Bayakukholwa! Akunandaba, akudingi ukuba kwenzeke manje; kodwa, Owakusho, Uyakufezekisa. Wena wathi, “Uma ungangabazi enhliziyweni yakho, ngokushesha kuzofezeka.” Imbewu izofanele imile. Kwangathi abantu bangakubona futhi baqonde. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

<sup>229</sup> Ngabe uyikhohwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, Ukugcina konke okwamaZwi aKhe. Niyakukholwa lokho na? [“Amen.”] Manje nihloniphe ngokuzithoba ngempela, wonk’umuntu umzuzwana nje, singakawubizi umugqa womkhuleko. Sifuna ukuthula.

<sup>230</sup> Manje, khumbulani, senicabangisisile na? Senifikile esinqumweni sabasizi bejaji, abasizi bejaji na? Phakamisani izandla zenu uma senifike esinqumweni sabasizi bejaji. Ngabe uNkulunkulu ube nobulungiswa noma akabanga nobulungiswa na? Ngabe iZwi laKhe...Ngabe Nguyena izolo, namuhla, naphakade, noma Akasuye na? Manje uma uphakamisa isandla sakho, yedlula kulomugqa, manje-ke indlela owenza ngayo kusukela lapha kuphume, ngabe wenza njengoAbrahama noma uMnu. Ang’kholwa na? Niyabo, uMnu. Mnqikazi, uMnu. Ang’bekezeli, balaheni! Kholwani uJesu Kristu, onguyena izolo, namuhla, naphakade.

<sup>231</sup> Ngiyisihambi kini. Kodwa manje ukunazisa ukuthi Usekhona elapha, futhi uma nje nizokwemukela iZwi laKhe enhliziyweni yenu.

<sup>232</sup> Manje ningahle ningakwazi ukwenza lokhu. Sinoyedwa wabo esizukulwaneni esisodwa. Kwakukhona uMose oyedwa; akukho namunye wabobonke owayengadingi ukuphendulwa saw- . . . uthuli lube amazeze, kanjalonjalo, namanzi abe yigazi. Kwakukhona uMose oyedwa; bonke abanye bakhohwa nje akusho. Niyabo?

<sup>233</sup> Kwakuneqembu enhla lapho elalifuna ukwenza inhlangano kulo, uDathani nabo. Futhi uNkulunkulu wathi, “Zahlukanise nabo,” nezwe labathatha. Niyabo? Nalokho kuphela kwakuyi. . . Lokho kwakuyisifanekiso, salokhu kungokwangempela. Izwe liyabathola, ngokushesha. Niyabona ukuthi kwenzekani kubobonke.

<sup>234</sup> “Uma ukholwa, konke kungenzeka.” Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela, konke kungenzeka, uma bekhohwa. Kulungile, khulekani. Bekani ukukholwa kwenu kuNkulunkulu uSomandla.



235 Bekunombuzo lapha ebengifuna ukuwusho lapha. Yebo. Uma omakhelwane benu benibona, nabantu okubonayo wedlula kulomugqa kulentambama, uma bekubona uza wedlula kulomugqa, bazokwazi ukuthi isinqumo sakho sabasizi bejaji siyini emva kwalapha, indlela owenza ngayo nendlela ofakaza ngayo. Uma, okulandelayo ugijimela kumelusi wakho, “O, angikutholanga. Ngifuna ukukuzama futhi.” Uyabo, umba imbewu, akusoze kwafezeka. Uyabo? Ungayimbi imbewu yakho. Inikele, bese uyishiya lapho. Ukhohlwe yiyo. Lokho kukuNkulunkulu. Enhliziyweni yakho, uma ungakukholwa, kuzokwenzeka.

236 Uyakukholwa lokho, mnumzane, ohlezi khona lapho ngqo ofake leyo sudu ebuweka impunga, uhlezi khona lapho emuva ngqo ungibuka na? Uyakukholwa lokho na? Khona—ke ukwethuka kwakho kukushiyile. Angikaze ngiyibone indoda empilweni yami. Siyizihambi komunye nomunye, mnumzane na? Kunjalo. Yilokho okukuphetha.

237 Ukuze uzokwazi, mina ngiyinceku kaNkulunkulu, owesifazane ohlezi eduze kwakho uphethwe yinkathazo yesisu. Kunjalo. Uyakukholwa na? Phakamisa isandla sakho, ukuthi uyakholwa ukuthi usuphilisiwe. Yiba nokukholwa nje.

238 Owesifazane ohlezi eduze kwakhe unenkathazo yenhliziyo. Uyakukholwa lokho, ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Kulungile, mnumzane. Uma ukukholwa, ungaba nakho.

239 Oyedwa ohlezi eduze kwakhe unenkathazo yabesifazane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na?

240 Owesifazane ohlezi eduze kwalokho, inenekazi elizimukile, linesifo sikashukela. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na?

241 Owesifazane ohlezi phezulu lapho unento ethize engalungile ngaye. Une—unenkathazo yabesifazane, ohlezi ngqo phezulu lapho ekupheleni komugqa.

242 Ngikholwa ukuthi leyo indodakazi yakhe ehlezi emuva ngqo ukusuka kuye lapho, inohlobo oluthize lwenkathazo yekhanda, olubangelwe yingozi. Kunjalo na? Phakamisa izandla zakho, ovulande osesitezi.

243 Uyini na? Ngingufakazi waKhe, ukuthi Uyaphila lapha kulentambama. Unguyena izolo, namuhla, naphakade. Uyawagcina onke amaZwi laKhe. “Imisebenzi engiyenzayo Mina niyakuyenza.” Benzeni labobantu, phezulu kuvulande esesitezi na? Omunye umuntu othize uyakholwa, umzuzu.

244 Manje nifuna ngikhombe nina abanye abangakholwa na? Kungahle kuniphoxe. Bangaki abakubonile kwenziwa na? Kuyakwenza kuphela. Ufanele uvumele ukolo nokhula kukhule ndawonye.

245 Bonke abantu kulomugqa lapha, onamakhadi omkhuleko, bumbani i . . . Lindani, asibambelele ngqi umzuzu nje.

246 Bangaki abelusi abakholwayo abalapha kulentambama, ose—ecaleni, futhi, futhi niyakholwa ukuthi uMarku 16 uqinisile na? Phakamisa izandla zenu. Nonke belusi abakholwayo wozani lapha.

247 Uma ngisuka lapha, futhi niyabona ukuthi kuzokwenzekani kulentambama, nalababantu bephilisiwe; khona-ke abanye babo bathi . . . Niyabo, ngokujwayelekile, umvangeli nenkonzo encane ehlukile ubeyongena, ushiya umelusi isigothu, phambi kwebandla. Ibandla lithi, “O, uma uMfowethu Roberts ebuya, uMfowethu Osborn, uMfowethu uS’bani-bani, noma uMfowethu Branham, omunye umuntu, o, u . . .” Umelusi wakho unelungelo elifanayo kulokhu engikwenzayo; noma ubani omunye. Niyabo, umelusi wakho uyindoda ethunywe ivela kuNkulunkulu, njenganoma yimuphi omunye umvangeli.

248 Futhi ngifuna abamesaba ngempela uNkulunkulu, abelusi abakholwayo ukuba beze lapha futhi bame nami umzuzu nje. Benyukele lapha umzuzu nje, zibumbele umugqa oyidabuli khona lapha. Ngiquonde indoda ekholwa ngempela manje. Ningavumeli abangakholwayo benyuke; nizovimbela abagulayo. Uma u—uma uwehlulela kahle lomBhalo, futhi namhlanje uNkulunkulu esabonakale kithi lapha futhi wakhombisa ukuthi Usecaleni. Futhi siMkholiwe futhi sazi ukuthi Ukhuluma iqiniso futhi Uqinisile. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela, uma ukukholwa! Amen.

249 Uyakholwa ukuthi ukwethuka kusukile kuwe, mnumzane, uhlezi khona lapho ekugcineni na? Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Kulungile.

250 Nenkathazo yakho yesisu, eduze kwakhe, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa inkathazo yesisu futhi akusindise na? Uyakholwa lokho, unganakho futhi.

251 Ngabe yilaba bonke abelusi abakholwayo abakhona lapha namhlanje na? Kulungile, lokho kwenele. Oyedwa wenele.

252 Akuthi bonke abantu onamakhadi omkhuleko, okholwa uMarku 16 . . .

253 Manje khumbulani, ningangeni uma ningakukholwa. Niyabo? Ningenyukeli lapha, kulokho kuzenzisa. Niyabo? Lokho kubi ukwedlula yonke into. Uma ungakukholwa, uthi, “Qhabo, angikukholwa,” qhubeka noMnu. Ang’kholwa, uMnu. Mnqikazi, noma omunye othize.

254 Kodwa uma uyiNzalo kaAbrahama yangokoqobo, futhi ufuna ukuthatha isinqumo sakho sokuma. Isinqumo sakho sabasizi bejaji kuhlangatshezwane naso—naso, futhi ufuna ukukhombisa izwe ukuthi isinqumo sakho sabasizi bejaji kuhlangatshezwane naso, ukuthi uyakholwa ukuthi lonke

iZwi uJesu Kirstu alisho liyafana. Nofakazi bakufakazisile kuwe, kulentambama, ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

<sup>255</sup> Akuthi labo abanamakhadi omkhuleko *lapha*, behlele ngqo lapha bese bema khona lapha. Manje yimani khona lapho nje, uma nithanda. Manje bumbani umugqa nje. Bese kuthi-ke bonke abakulengxenywe *lapha*, onamakhadi omkhuleko, ajike futhi azungeze ngemuva, bese efola emgqeni emva kwabo ngqo ngapha. Manje makuthi wonke lowo o—okulena enye ingxenywe *ngapha*, ajike bese eya ngemuva kobonda, leyondlela, futhi alandele ngqo phakathi emva kwalomugqa lapha, lapho behla. Akuthi wonke lowo okuvulande osesitezi alandele ngqo emva kwalo. Nonke nina onamakhadi omkhuleko, ukuba nikhulekelwe, futhi osucabangisisile, isinqumo sakho sabasizi bejaji sesixazululiwe, sekufinyelelwe kuso, yanini ngasobondeni bese nibumba umugqa ozongena ngqo emva kwal*lapha*.

<sup>256</sup> Manje, lathini iBhayibheli na? Ake ngilifunde futhi. Into exakile, livele nje lawa lavuleka endaweni. Ngikholwa ukuthi iNkosi ifuna sikufunde lokho futhi, niyabo. “Ngasemuva Yabonakala kwabayishumi nanye.” Isenze indlela efanayo, kulentambama. Ilapha. Bangaki okholwayo ukuthi uKristu noMoya oNgcwele, ukuthi uMoya kaKristu unguMoya oNgcwele na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kusobala, kunjalo.

<sup>257</sup> Akukho Nkulunkulu abathathu noma abane. Munye kuphela uNkulunkulu. Zintathu izingxenywe zikaNkulunkulu ezingahlukaniseki; uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, kodwa abasibo oNkulunkulu abathathu. Lowo ngumhedeni. Niyabo, kunoNkulunkulu oyedwa kuphela. Futhi lezo yizingxenywe ezingehlukaniseki. UNkulunkulu uYise wayesehlane, njengeNsika yoMlilo. Kulungile. UNkulunkulu iNdodana; uNkulunkulu uYise wadala umzimba okwakunguNkulunkulu iNdodana, futhi waphila eNdodaneni. Niyabo? “UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe.” Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uma ungumKristu, uyakukholwa. Futhi, ke, “Kuseyisikhshana nezwe lingabe lisaNgibona.” Futhi manje bukani, uJesu wathi, “Ngavela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu.” Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, ukuvuka, Wenjukela phezulu.

<sup>258</sup> Futhi ngenkathi uSawulu waseTarsu esendleleni yakhe ebheke ezansi eDamaseku, ukuKhanya okukhulu, iNsika yoMlilo futhi, yashaya phambi kwakhe. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kwenzani na? Kwamshaya waba yimpumpu. Futhi ngenkathi evuka, wathi... Manje khumbulani, ungumHeberu. Wazi ukuthi lokho kwakuyini, kungenjalo wayengeke athi, “Nkosi.” “Nkosi, UnguBani na?” Wayazi ukuthi abantu bakubo babelandela lokho kuKhanya,

leyoNsika yoMlilo. Yabakhipha eGibhithe. “Nkosi, UnguBani engimhluphayo na?”

<sup>259</sup> Yathi, “NginguJesu. Ya, kul’khuni kuwe ukukhahlela ezinkandini.”

<sup>260</sup> KwakunguYe ongenayo njengeNsika yoMlilo ngalobobusuku wayesekhipha uPetru ejele.

<sup>261</sup> Futhi manje bukani, uma lowoMoya ofanayo ubuya, Awuyikuba nezingxenywe ezifanayo ezingehlukaniseki Owawunazo lapha, uma KungukuKhanya na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umh.] Awu, iyini leNsika yoMlilo, Leyo na? Manje, uma ngingaphinde nginibone madoda, nani bantu, ubufakazi bami bufakaziswe ukuthi buqinisile. IBhayibheli liyafakaza ngabo.

<sup>262</sup> Izwe lesayense liyafakaza ngabo, lowo, uGeorge J. Lacy wathi, “Ngangihlala njalo ngithi kwakuyisayense ephathelene nengqondo, qobo lwami, Mnu. Branham. Kodwa,” wathi, “ngaba naKho phansi komsebe ogqamisa kakhulu nazozonke izinhlobo zomsebe ongenakubonwa nayoyonke into engingayithola. UkuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa ukukhanya ikuhambise ngamsebe munye, nalengilazi eqoqa ukukhanya ikuhambise ngamsebe munye ingeke ithathe isayense ephathelene nengqondo.

<sup>263</sup> Ngakho uma ngiphila noma ngifa, kuqinisile, noma kanjani. Ibandla liyakwazi, kuqinisile. Isayense iyakwazi, kuqinisile. Manje kuthiwani ngani na? Khumbulani, akusimi. NguYe. Akusimi. Angimuntu kodwa nje omunye wenu nonke. NguYe. Uzofanele athole umuntu-mumbe. Akukho muntu okufanele, kodwa umuntu-mumbe uzofanele akwenze. Khumbulani, akusiwo umsebenzi olula, kodwa ngumsebenzi wenkazimulo ukwazi ukuthi iNkosi yenu ilapha futhi ningatshela abazalwane benu iQiniso. Kodwa kul’khuni uma bengayikukukholwa, kodwa, lokho, sonke sizofanele sibhekane nalokho. Khumbulani manje.

<sup>264</sup> Manje, nina zethameli, ngabe nonke senithe anilayine manje na? Kubukeka sengathi senilayinile. Manje uma bekhona abakuvulande osesitezi, abalandela ngqo phakathi emva kwalomugqa lapha.

<sup>265</sup> Manje khumbulani, laba ngabelusi benu kanjalonjalo, indoda kaNkulunkulu, emkholwayo uNkulunkulu. Ningamakholwa na? Nime lapha ukuba nenze ubufakazi ukuthi niyamkholwa loMarku 16 ukuthi uqinisile na? [Abefundisi bathi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile.

<sup>266</sup> Manje iBhayibheli lathi, “Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo; uNkulunkulu uyakubavusa. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Manje sizonikhulekela, manje, nisami ngokuhlunipha kokuzithoba,

ngokuthula. Bese kuthi-ke uma nedlula lapha, njengokuthi nje beniza . . .

<sup>267</sup> Nivumile ukuthi niyamkholwa uJesu Kristu ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi khona-ke hambani niye echibini ukuba nibhaphathizwe, noma umfudlana, umfula, noma ngabe kukuphi. Futhi uma ubhaphathizwa, yilokho kuphela umshumayeli angakwenza. Shumayela iZwi; ulikholwe; ubhaphathizelwa kukho ukuthethelwa kwezono zakho; uvuke ungukuphila okusha. Bese kuthi-ke indlela owenza ngayo, kusukela lapha kuqhubeke, ikhombisa ukuthi ngabe umemukele ngempela uKristu noma qha.

<sup>268</sup> Manje uma ukholelwa ekuPhiliseni ngokukaNkulunkulu, futhi usuMemukele manje njengomphilisi wakho, simi lapha ukuba sibeke izandla kwabagulayo. Indlela owenza ngayo, kusukela ekupheleni kwalowomugqa kuqhubeke, konke ukuphila kwakho, kuzoba yijaji, akunandaba ukuthi uthini. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Futhi uqiniseke impela nje ukuba usinde njengoba uzohlala ungumKristu. UngumKristu isikhathi eside kangakanani emva kwalokho na? Inqobo nje uma ukholwa. Futhi uphilisiwe inqobo nje uma ukholwa.

*Qaphelani, lezizibonakaliso ziyakubalandela  
abakholwayo; Ngegama lami bayakukhipha  
amademoni; bashumayele ngezilimi ezintsha;*

*Baphathe izinyoka; . . . uma bephuza okubulalayo,  
akusoze kwaba nangozi; bayakubeka izandla zabo  
phezu kwabagulayo, futhi basinde.*

<sup>269</sup> Ebusweni balokhu, umqondo wami ufinyelele esinqumweni sabasizi bejaji cishe eminyakeni engamashumi amathathu-nantathu edlule. Unguyena izolo, namuhla, naphakade. NgokuMkholwa, Uzikhombe Yena uqobo lapha kulentambama, ubufakazi obungenasiphosiso, isimangaliso. Noma yini engachazeki iyisimangaliso; ukukhombisa, Ukwenza ngasonke isikhathi.

Wena uthi, “Yini ngavele nje . . .”

<sup>270</sup> Benazi yini, owesifazane oyedwa wathinta ingubo yaKhe, Wayesethi, “Ngiphele amandla.” Bangaki okwaziyo lokho na? “Kuphumile amandla kiMi.” Manje, WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Kuthiwani-ke ngami, isoni esisindiswe ngomusa na? Niyabo?

<sup>271</sup> Kodwa Wakwethembisa ukuthi kuyokwenza. Yisithembiso saKhe. Akadingi ukukwenza, kodwa Wethembisa ukuthi Uyokwenza.

<sup>272</sup> Manje niyakukholwa, nonke emgqeni, niyakholwa na? Umqondo wenu ufinyelele kuleso sinqumo sabasizi bejaji na? Manje kuzoba semathangeni enu manje. Umqondo wenu

usufinyelele kulesosinqumo sabasizi bejaji, ukuthi niyakholwa ukuthi uJesu Kristu ukhulume lamaZwi. Uma nikholwa, nina enisemgqeni womkhuleko phakamisani izandla zenu. Nonke enisemgqeni womkhuleko, nimukele ukuphiliswa kwenu phezu kwezisekelo zalokhu, ukuthi niyabakholwa abelusi benu nathi sonke, ukuthi sikhonza uNkulunkulu ophilayo weqiniso. Nalobo bufakazi enibubonile baKhe kulentambama, buMkhomba lapha enathi, Lo owenza iZwi, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Uma nikholwa, phakamisani izandla zenu. Kuzofanele kwenzeke, kuzofanele kwenzeke nje! Anginandaba ukuthi ungubani, uma uzohlala nalokho, kuzofanele kwenzeke. Ngokufanayo nje njengezimvula zehla; ngokufanayo nje njengoba uMose abakhipha eGibhithe; ngokufanayo nje njengoba intombi yazala umntwana ngaphandle kukababa wasemhlabeni; kuzoba yinto efanayo, uma ningakungabazi.

<sup>273</sup> Roy, woza lapha manje futhi uthathe lokhu, ucula u *Kholwa Kuphela*. Umzuzu nje, size sikhuleke. Befundisi, asikhothamise amakhanda ethu; bandla ndawozonke.

<sup>274</sup> Baba wethu oseZulwini, u—ubunzima balomzuzwana! Siyamangala, Nkosi, ukuthi bangaki nje ngempela okholwayo. Imbewu isihlwanyelwe. IZwi selifundiwe. UKristu, uMoya oNgewele, ubonakele phambi kwethu futhi wakhombisa lokho kuPhila okwakukulokhu kuKhanya, futhi WayenguKhanya kwezwe, UngukuKhanya manje. UngukuKhanya kwaPhakade okukhulu, futhi Ubonakele phambi kwethu, kulentambama, futhi wenze nje Athi Uyokwenza kulesisizukulwane. IZwi selikhulunyisisiwe. IZwi selikhonjisisiwe. Futhi abantu, manje, uma nje beLikholisiswa ngayo yonke inhliziyo yabo. Siyabakhulekela, Baba. Thatha konke ukungakholwa . . .

<sup>275</sup> Kwangathi indoda engafakaza ngokumelana naWe, kulentambama, indoda edala Ukungakholwa, uMnqikazi, no-Ukungabekezeli, kwangathi angakhishwa phakathi kwethu namhlanje. Kwangathi angayongena ebumnyameni obungaphandle. Kwangathi angasuka kulendlu; ukuthi ufakazi omkhulu ovikelayo, uMoya oNgewele, angaphilisa onke amaZwi lapho bedlula. Siphe khona. Kwangathi bangasuka lapha, umqondo wabo—wabo usuvele usedlulisile isinqumo sabasizi bejaji, futhi bayedlula.

<sup>276</sup> Futhi manje, Moya oNgewele, philisa leloZwi kubo, ukuthi umsebenzi usuveziwe masinya nje ukusebenza kokugcina sekwenziwe ukuba kubekwe izandla phezu kwabagulayo. Siphe khona, Nkosi. Ngikubiza konke ukuphiliswa kwabo, eGameni likaJesu Kristu.

<sup>277</sup> Manje, into elandelayo ukuba yenziwe, ngukubekwa kwezandla. Njengomgubho wombhaphathizo nje, futhi nimbelwa kanye naYe ke, futhi nivuka futhi nisuke nihambe nokuphila okusha. Niyabo? Ungahle ungazizwa

ukuthanda, kodwa uyakukholwa. Qhubeka nje uhlale nakho; ekugcineni, emva kwesikhathi, uthola ukuthi unokuphila okusha. Leyo yindlela efanayo okuyiyo lapha. Yimbewu ehlwanyelwe. Siyayitshala manje, ngokubeka izandla phezu kwayo. Senzani kulokhu na? Sizikhomba thina uqobo. NjengaseTestamenteni eLidala, babeka izandla phezu komhlatshelo wabo, ukuzikhomba bona uqobo; ngokukholwa sibeka izandla zethu phezu kukaKristu, ukuba sizibandakanye naYe. Namhlanje sibeka izandla zethu phezu kwabagulayo, ukuba sizibandakanye kanye naleliZwi. Niyabo? Kholwani manje, neNkosi izonisindisa.

<sup>278</sup> Manje, uMfowethu Borders uzobe ecula, ngokuthula, namaogani, amaphiyano, kanjalonjalo, *Kholwa Kuphela*. “Konke kungenzeka, kholwa kuphela.”

<sup>279</sup> Futhi ake nicabange nje manje, uJesu ehla evela kuleyontaba. Lapho abafundi babehlulekile, odabeni lokuba nesithuthwane, emva kokuba Ebanika amandla ukuba bakhipe amademoni, izinsuku ezimbalwa nje emuva kwalokho. Kwakungesikho ukuthi babengenawo amandla, kodwa Wathi, “Ukukholwa kwenu kube yisizathu salokho.” Niyabo? Kodwa ngenkathi efika kuJesu, wazi ukuthi washaya ukukholwa lapha.

<sup>280</sup> Manje kholwani ngayo yonke inhliziyu yenu, manje, ngenkathi ngokuthula sisacula elithi *Kholwa Kuphela* manje. Mfowethu Borders.

<sup>281</sup> [UMfowethu Branham nabafundisi bayakhuleka futhi babeka izandla phezu kulabo ebezayo bedlula emgqeni womkhuleko, ngenkathi ibandla likhuleka futhi ngokuthula licula elithi *Kholwa Kuphela*. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

... kholwa,

Konke kungenzeka, kholwa kuphela.

<sup>282</sup> Manje asilicule kanje, wonke oliculayo.

Manje ngiyakholwa, (Uyakholwa na?  
Asiphakamise izandla zethu!) manje  
ngiyakholwa,

<sup>283</sup> O Nkulunkulu! EGameni likaJesu, philisa laba, Nkosi, ukuthi lamaduku abamele. Ngenxa yenkazimulo yaKho, siphe khona, Nkosi.

...ngiyakholwa;

Manje ngiyakholwa, o, ngukuthi manje  
ngiyakholwa,  
Konke kungenzeka, ngukuthi manje  
ngiyakholwa.

<sup>284</sup> Niyazi ukuthi senzeni na? Silandele imiyalo kaJesu Kristu. Manje nisalokhu ninesinqumo senu sabasizi bejaji, “Ngiphilisiwe. Akunakwenzeka kimi ukuba ngingasindi, ngoba uNkulunkulu wenza isithembiso. Ngezindebe zami ezifayo, into

yokugcina ezindebeni zami, ‘Ngikholwa ukuthi ngiphilisiwe.’”? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakukholwa kanjalo na? Ngiyakukholwa. UNkulunkulu akubusise, mfowethu, dadewethu.


<sup>285</sup> Manje asisukumeni ngezinyawo zethu, umzuzwana nje. Angazi kuyobanini; ngithemba ukuthi khona nje:

Kodwa size sibonane! size sibonane!  
Size sibonane kwezikaJesu . . . (Usebukhoneni  
bethu manje.)  
Size sibonane! size sibonane!  
UNKulunkulu abe nani size sibonane futhi!

<sup>286</sup> Asikhothamisa amakhanda ethu, sisalihamisha. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *UNKulunkulu Abe Nani.*—Umhl.] Size sibonane!

<sup>287</sup> O Nkulunkulu, iZwi laKho malibe yisibani manje. Esikubonile nesikuzwile nesikufundile, futhi kwangathi kungasiholela ezinyaweni zaKho. Kwangathi singahlala njalonjalo lapho, sikholwa yiZwi laKho, yonke into Owayethembisa. Siphe khona, Nkosi.

Size sibonane! size sibonane!  
UNKulunkulu abe nani size sibonane futhi!

<sup>288</sup> Asikhothamise amakhanda ethu manje ngenkathi umfowethu othandeka kakhulu impela, uMfowethu Johnson, ethatha umkhuleko wokusikhipha. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Johnson. 



*ICALA LASENKANTOLO ZUL64-0412*  
(A Court Trial)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ntambama, ngo Apreli 12, 1964, eNational Guard Armory eBirmingham, eAlabama, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)